


INDLELA YOKUPHILA

 Ngiyabonga, Mfowethu Borders.

² Niyazi, kuyinhlahlala enhle kakhulu ukuba phakathi kwabantu, bese kuthi-ke kungokokuqala ngqa esinagogeni lamaJuda, kuyinto eyivelakancane kimi. Bese kuthi-ke, ukuqonda okwengeziwe kwalokhu, ukuhleleka lapha kwe... kwalemiBhalo egoqwayo, nokuthi Inakekelwa kanjani, nokunye nokunye, kungaba yisikhathi esihle sokungena ngesinye isikhathi futhi sibe nenkonzo yokuphulukisa kulelisinagoge, futhi ube na—amaJuda, futhi...[Umfowethu uthi, “Woza. Wamukelekile, Mfowethu Branham. Woza.”—Umhl.] Ngiyabonga, Mfowethu. Ngiyabonga, kakhulu.

³ Bengilokhu nginomuzwa ngabantu abangamaJuda, mhlasimbe akekho lapha, kodwa, kulokhu ukusa, kodwa nginomuzwa ngabo, nginawo njalo. Futhi ngikholwa ukuthi ngolunye usuku i—iBandla labeZizwe liyoyisa uMlayezo kumaJuda, njengoba iJuda laWunikeza oweZizwe. Ngiyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyoyi yami. Bese kuthi-ke lapho Lokho kubuyela eJudeni ngokugcwele, qaphela, umnyango wabeZizwe uyovalwa ngaleyonkathi, futhi kuyoba umJuda, ngakho manje yisikhathi. Ngijabule kakhulu ukuba phakathi manje, ngaphakathi.

⁴ UNkulunkulu abuse lendoda encane enomusa, uMfowethu Michaelson. Angikaze ngimbone empilweni yami, bengingeke ngimazi ukube ubemi lapha. Angahle abe sezethamelini, futhi bengingeke ngikwazi. Kodwa ngiluzwile uhlelo lwakhe, futhi ngiyaluthakasela, inceku enkulu kaNkulunkulu, lowomJuda omncane ompofu onikele ngokuphila kwakhe, manje, ekukhonzeni ngoNkulunkulu. Mina...futhi ngokuthi... Ngiyayithanda indlela asho ngayo ukuthi, “Jesu *wami*.” Ya, “Jesu *wami*.” Ngicabanga ukuthi lokho bekumangaza kakhulu ukuba umJuda asho lokho.

⁵ Impela ubelokhu engumphathi wesibani, ephethe isibani kubantu abangamaJuda kulelizwe, ukuzungeza iMelika yonkana lapha. Futhi umkhuleko wami oqotho ungokuthi: Nkulunkulu, baphe izingalo ezindala ezibuthakathaka ukuba basibambe aze afike uJesu, uma kungenzeka. Ngiyamazisa. Ngiyawazisa amakhehla lapho elwa izimpi ezinhle.

⁶ Khumbulani uDkt. F. F. Bosworth, omunye wengibambisene nabo, ngenkathi ngingena ukuyombona, wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nane ubudala, wayekhiphe izingalo zakhe ezincane *kanjalo*. Futhi bona, emuva lapho, baphuma nje emasimini ase-Afrika sebeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, benza umsebenzi

wobuthunywa benkolo emenweni kanye nami. Ngase ngigijimela kuye ngamsingatha, ngangazi ukuthi wayefa, futhi ngavele ngakhala kakhulu, “Baba wami, baba wami, inqola yakwa-Israyeli nabamahhashi bakhe!” Indoda enesibindi kangako.

Futhi wathi, “Lesi yisikhathi esimnandi kunazo zonke empilweni yami yonke, Mfowethu Branham,” washo.

Ngathi, “Uyazi ukuthi uyafa na?”

⁷ Wathi, “Angeke ngife, sengibe neminyaka engamashumi ayisithupha ngifile.” Wathi, “Mina...” Wathi, “Ngilinde umzuzwana lapho ngibona konke engikuphilele, ngiMbone engena kulowomnyango ezongimemela eNdlini yaKhe.”

Futhi wathi, “Yileyo indlela.”

Ngicabanga ngakho-ke:

Izimpilo zabantu abakhulu zonke
ziyasikhumbuza
Singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,
Ngokuhlukana, sishiye ngemuva kwethu
Imilobo yezinyawo ezihlabathini zesikhathi;

⁸ Yiqiniso. [UMfowethu Kopp ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Yebo? [Uqhubeka nokukhuluma.] Ngi-kungenzeka ukuthi angizwanga nje...Ngezwa ukuthi waxhawulana no...eme ekamelweni, nyakaze...[Uqhubeka nokukhuluma.] Yebo, Mnumzane. Yebo. Yebo, Mnumzane. Lokho, ngikuzwile lokho. Kunjalo, Mfowethu Kopp, ngiyajabula ukuthi ungikhumbuze ngakho...Yebo.

⁹ Bathi isikhashana impela ngaphambi kokuba afe, noma, aye eKhaya, wavuka, futhi, exhawulana nabaphendulwa nguye abeza kuKristu ngenkonzo yakhe isikhathi eside, wayesefa, waqhubeka ukuyohlangana nabo. Yeka ubuqhawe! Ngiyazithanda izinto ezinjalo nje. Lokho ngukuthi nje... .

¹⁰ Bazalwane, kuyinhlahlala enkulu ukuba lapha eLos Angeles, noma, leSouth Gate, noma ngabe kungahle kubizwe ngani lapha, lapho esinomhlangano khona nalenhlanganyelo enhle. Yi...Niyangimema phakathi lapha, futhi ngi—bengingeke ngize ukube angizange ngibe nalolohlobo oluthile lokudonsa ukuze ngize.

¹¹ Futhi ngiyakuqonda ukuthi—ukuthi inkonzo yami isiphenduke indawo lapho isicishe ibe kwelamanqamu impela, Mina...njengazo zonke izinto zifika kulokho...mina... sebeqalile ukukhuluma izinto, izwe likwenzile, nezinhlango, nokunye nokunye, ukuthi ngingumprofethi wamanga, na—nakho konke, futhi ngibheke lokho okuzayo, mina...kuyisimangaza ukuthi bekungakafiki ngaphambili manje, futhi, kodwa ngibheke ukuthi kube kubi ngisho nakakhulu.

¹² Futhi ukuthola lokho kulelihora lokuvivinywa kwami, nokucindezeleka okujulile kudlula, ukuthi nina bazalwane

niphonsa nivule izandla zenu, futhi ngiyanihakasela. INkosi inibusise. Futhi ngilapha ukwenza konke engikwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, uku—ukusiza amabandla enu ukuthi abe namandla, ukuhlanganisa ubuzalwane ndawonye enhliziyweni eyodwa, futhi leyo yinjongo enginayo. Nokuba, njengoba ngishilo izolo ebusuku, ukuphonsa inetha kuwo wonke amakhona amancane futhi ngibambe yonke umpingo omncane engabanjwa ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu.

¹³ Futhi manje, izolo ebusuku ngibeleyithi, futhi siqale sekuleyithi. Futhi cishe ngihlale ngileyithi, umama wathi ngangiyingane enezinyanga eziyisishiyagalolunye ezigcwele, futhi ngathi ukuba leyithi ukufika lapha. Futhi ngazalwa ngenesisindo esingamaphawundi amahlanu kuphela, futhi ngaba nesiqalo esibi, futhi angizange ngibe mkhulu kakhulu. Futhi mina nje ngi... Ngabaleyithi emshadweni wami, nga—ngalindisa umkami isikhathi eside. Futhi kuhlala kungukulinda nokubaleyithi. Manje, uma nje ngingabaleyithi emngcwabeni wami, yilokho kuphela. Yilokho kuphela. Balindise nje isikhathi eside inqobo nje uma bengakwazi, ngoba ngi—ngifuna ukuba nje, inqobo nje uma ngingakwazi ukushumayela iVangeli, nokuhlanganyela nabazalwane bami. Futhi manje, kude... Ngizozama ukushesha kancane nje kulobubusuku.

¹⁴ Izolo ebusuku... Manje, ngabefundisi nje lapha njengoba ngiqonda. Ngizama ukuhlela isicupho. Manje, kukhona izoni ezihlezi phandle lapho, niyabo. Futhi into yokuqala... Ungahle uzibuze ukuthi kungani ngingenzanga ukubizela e-altare. Into yokuqala, ngizizwele ukuthi bengileyithi kancane, futhi lokho kuyabakhathaza abantu, nokunye nokunye. Kodwa isicupho esincane nje ngaphansi kokubona okufihlakeleyo noma okuthize, futhi lokho kuzothola okwabo... kubahehe. Bese-ke wendlala inetha lakho ngapha nangapha, niyabo, bese-ke ubangenisa. Nje—nje ngibekezeleleni manje, ngihamba ngendlela nje engicabanga ngayo ukuthi uMoya ungiholela ekutheni ngihambe.

¹⁵ Futhi manje, uma sithola abanye enetheni abafuna ukusindiswa futhi bagewaliswe ngoMoya oNgcwele, bazalwane, niyazi ukuthi baphuma kusiphi isifunda, bayiseni ebandleni lenu, ngoba lokho... ubadonsele e-altare nje cishe kube yibanga esingabathola bekulo lapho, futhi, bese-ke ubathatha yonke indlela ukusuka lapho. Bangenise, futhi ubabhaphathize, futhi uhlale nabo baze bemukele uMoya oNgcwele. Futhi—futhi yilokho esikuzele lapha kulelihora lobumnyama elikhulu, njengoba ilanga lishona entshonalanga, nokuKhanya kwakusihlwa kuphumile.

¹⁶ Futhi mina... Phakathi kwabantu... Uma nina, abaningi benu, akusiyo imfihlo, nonke ninamateyipu ami, nonke, futhi, kodwa phakathi kwabantu phandle lapho, angisondeli nje ngokomBhalo, iziMfundiso eziqinile, njengoba bengingathanda

ukuba bengisetabernakele noma okuthize, na—nasemateyipini lapho abefundisi babengakuthatha futhi bafundise.

¹⁷ Futhi ngiyenyuka kulokhu ukusa nomGrekini ovela ezweni elidala, futhi uneteyipu yami yamahora ayisithupha ethi, *IMbewu-Zwi*. Futhi ungitshela ukuthi uhamba kancane nje usuku ngalunye, futhi athathe lawo, awahlaziye, futhi awalethe esiGrekini, nokuthi wayekhombisa kanjani (Mina ngingazi lutho ngakho.), ukuthi kuhlangana kanjani nje kanjalo. Lokho okokufundisa, phakathi lapha sizama ukudoba. Yilokhu-ke: Sibeka isicupho phandle lapho. Futhi asilokothi sibonise inhlanzi ihhuku, uyibonisa isicupho, ibamba isicuphi bese ithola ihhuku.

¹⁸ Ngakho leso—ngakho leso isikhathi sami esiningi ekukhulekeleni abagulayo nezinto, ngukuba nje ngibambe iso lesoni, leso isicupho, kodwa ihhuku, ihhuku leVangeli, usebenzisa lokho. Ngizovele nje nginyakazise isicupho phambi kwakhe, niyabo, ngakho u—usebenzisa ihhuku.

¹⁹ Ngakho-ke...Futhi, kulobubusuku, ngizozama ukwenza okwami...izinkulumo zethu ezincane ziba mfishane kakhudlwana, niyazi, ukuze ngivele nje...NoMfowethu Borders ukhuluma kancanyana ngaphambi kokuba ngikhulume, futhi—futhi ngingene. Ngizozama ukwenza izinkulumo zami, noma, izinkulumo ezincane okwentsha nje kini bazalwane. Futhi—futhi uma ungacabanga ngalokho...Isizathu noma yini engingayisho ingase ibe ngeyentsha kuwe, kodwa, nonke ningabafundisi, futhi mina angisiye umfundisi. Futhi mina... Kodwa inhloso yami wukuzama ukusiza uMbuso kaNkulunkulu, ukuzama ukuqinisa amabandla enu, futhi ngiqinise ubuzalwane phakathi kwabantu, njengoba silindele ukuFika kweNkosi. Futhi ngiqinisekile ukuthi nizokuqonda lokho.

²⁰ Futhi manje, lokhu lapha, Los Angeles, njengoba ngiqaphelile kulokhu ukusa, futhi ngihlangane nabami, abanye babangane bami lapha: UMfowethu Sothmann *lapho* ovela eJeffersonville, ekuqaleni engowaseCanada; noMfowethu Tom naye ungowaseCanada, ogogobele nathi eJeffersonville ngalesisikhathi; no—noMfowethu Welch Evans *lapho* ovela eTifton, eGeorgia, naye ogogobele kanye nathi, eshayela amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu njalo ngeSonto ukuya...ngokuba, angizwe ngishumayela iVangeli. Manje, futhi *lapho* nguMfowethu Norman ovela...noDadewethu Norman, noDadewethu Evans, noMfowethu Willie, angikwazi neze ukucabanga...Iqembu elincane elihlezi ekuququbaleni okuncane *lapho*, eliphuma lapha kanye nathi, nokukhuleka kanye nathi, nokuqinisa njengoba siqhubeka singena, ukwenzela inkonzo. Ngijabula ukuba nabo emihlanganweni.

²¹ Manje, ekuhleleni lomhlangano, ngi—ngibhekile, futhi sasinencwadi yemihlangano, abantu nje. Nobunzima esinabo

manje, phakathi kwabazalwane behlelo, futhi abaningi babo, bona, abazalwane behlelo, njengoba nonke ninjalo, nokho, ngingathanda ukuba, phezu kwaleli pulpiti kulokhu ukusa, ngizwakalise umbono wami, niyabo. I...Niyazazi nina, bazalwane phakathi kwabantu bakini ningasho into ethile ngalendlela, futhi omunye uzoyithatha ngalendlela futhi aqale ukuyincikisa ngalendlela, futhi uyoyitshela olandelayo, olandelayo kolandelayo, into yokuqala oyaziyo, akusafaneleki nhlobo. Futhi omunye uzoyincikisa ngalendlela, futhi ayithathe *ngeny*e indlela, niyakwazi lokho.

²² Futhi ngingeniniso lokuthi nina bazalwane niyaqonda ukuthi yileyo ndlela izinto eziningi ezishiwo ngayo ngami, ukuthi kuvele kuthathwe abanye futhi kungaqondwa, futhi kuvele kuyiswe eceleni, akuyona incazelo nhlobo.

²³ Mayelana nokuphikisana nehlelo, impela akunjalo, abazalwane bami balapho. Kunjengokuthi, baningi kakhulu abantu, namuhla, kuncike ehlelweni. Manje, sinomfowethu ohlezi lapha ovela ebandleni le-United Brethren, nezindawo ezehlukene, kungukuthi...lawomahlelo alungile, inqobo nje uma welula iphaseji udlule kancayana uqhubekele ngale, ungavula isango, uphuze emthonjeni wesithathu, niyakwazi engikushoyo, lowo uJakobe awumba, futhi—futhi ningaba nenhlanganyelo.

²⁴ Kodwa lapho ufika, “Inqobo nje uma ungowehlelo, yilokho kuphela okufanele ukwenze,” qhabo, kuningi okungaphezu kwalokho kukho, mfowethu. Futhi yilapho umhlaba wonke ubuhlale njalo...Futhi wena...Sihlezi lapha nathi kulokhu ukusa usomlando omuhle, futhi siyazi ukuthi amabandla, kuthi nje engadweba lowomugqa, ihlelo, “Siyilo,” khona lapho uNkulunkulu uyabashiya, futhi bayafa futhi bangaphinde baphile. Niyabo? Awukho umlando wanoma yikuphi lapho ibandla elake lawa khona, futhi laphinde lavuka, alikwenzi. Futhi ngoba...

²⁵ Ngenkathi ngiqala ukungena kulokhu, kulenkonz, bekuyinina bazalwane bebandla le-United Pentecostal enangivulela izingalo zenu kuqala. Lowo kwakunguMfowethu Richard Reed, uMfowethu Jack Moore, noMfowethu Ben Pemberton lowo...noSt. Louis, umhlangano wami wokuqala. Futhi umhlangano wokuqala engake ngawethamela kwaba, futhi ngazi noma yini nge...kwakuyi P. A. ka W. ne P. A. ka J. C., njengoba babenjalo, ngaphambi kokuba bahlangane futhi bahlangane ndawonye, uMfowethu Ryall eMishawaka. Futhi angikaze ngiyibone inhlanganyelo enhle kangako yabazalwane.

²⁶ Awu, khona-ke, ngitholile...Ngicabange ukuthi yilokho kuphela iPentecost eyayiyikho, ukuthi leyo kwakuyiPentecost, kodwa ngathola ukuthi kwakunamaqembu ehlukene nxazonke ndawo zonke, futhi kwakukhona amadoda alungile kwelinye

ngalinye lawo. Ngakho, ngizamile ukuma esikheleni ngeneke izingalo zami, ngizama ukubizela wonke umzalwane ebunyeni benhlanganyelo, ukuze sibe nokuqonda, kungakhathaleki ukuthi bakholwani, inqobo nje uma singabazalwane. Ngoba ngiqinisekile ukube bengizifakile... Kunamaphutha amaningi uNkulunkulu angakhomba ngomunwe waKhe ebusweni bami kulokhu ukusa, futhi athi, “Nsizwa, usekude ekubeni ngophelele wena uqobo.” Ngakho yileyondlela engizame ngayo ukuzizwa ngawo wonke umuntu, ukubadonsela ndawonye. Manje, leyo yinhloso yami, ukuba nenhlanganyelo yokubumbana. UNkulunkulu anibusise njalo.

²⁷ Futhi phakathi e, njengoba ngiqale ukusho emizuzwini embalwa edlule, phakathi kwakho konke lokhu, nokho kwakunamakhulu ezindawo ezibizayo, nasezinkundleni zemishini, futhi manje, nginohambo lokuvangela, nginqamula izwe, futhi ngokushesha nje lapho ngisuka kulokho, ngizoya emazweni angaphandle ohambweni lobuthunyuwa benkolo.

²⁸ Futhi ngiyazama kimi qobo, ukuthi anginaso isikhathi sokuchaza, ngifuna okuthize kuNkulunkulu, ngoba ngikholwa ukuthi ukusondela... ukuza kukaKristu kuseduze kunalokho esi rea... sikucabangayo. Ngikholwa ukuthi kusemnyango ngqo, futhi kungenza ngibe nokwethuka ngempela lapho ngicabanga ngakho, ngingathukile ngami uqobo, kodwa nginokwethuka ngalokhu: Ngabe ngenze konke okusemandleni ami na? Ingabe likhona elinye i-awunsi kimi ebengingalinikela ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu na? Ingabe kukhona ebengingakwenza? Ngoba leli ukuphela kwethuba esiyoke sibe nalo, njengamanje.

²⁹ Futhi ngiye nga—ngiye ngalithethisila iBandla, ngiye ngabathethisa abantu bakithi, ngibathethisile odadewethu ngokugunda izinwele zabo, ngibathethisile ngokuziphaqula, ngibathethisile abafowethu ngokubavumela ukuba bakwenze, nabefundisi bethu nezinto ezinjalo, hhayi ngoba anginalutho engimelene nabo ngabo, yingoba ngi—nginomona ngabo, bayifa likaNkulunkulu.

³⁰ Futhi ngi—futhi ngibathethisile abafowethu abangabefundisi ngokungakwenzi... ngokuba bazisondeze entweni eyodwa encane eqenjini. Manje, bencingacabanga ukuba bekukhona ihlelo ebelingathi, “Siyakukholwa *lokhu*, ukhefana, kuhlanganiswe nakho konke uNkulunkulu angakwengeza kukho,” kodwa lapho senza izinga lethu lehlelo, sithi, “Siyakukholwa *lokhu*, ngqi,” noMoya oNgcwele uyangena ngqo, futhi uphume kukho, kunjalo, niyabo. Manje, uma singakugcinisa ngokhefana, khona-ke sizobe siqhubeka nokukhula.

³¹ Muva nje, ngibe no—umhlangano nabazalwane bamaLuthela, ngicabanga ukuthi nonke nizwile ngakho,

eMinneapolis, eMinnesota. Futhi o, he, wake wangihlikihla phezu kwamalahle encwadini iletha enamakhasi angamashumi amabili nambili! Wathi, “Wona kanye umqondo!” Wathi, “Ngishayeke amamayela ayishumi nanhlanu izolo ebusuku, esiphaphweni seqhwa esiphuphuthekisayo, ngicabange ukuthi ngizozwa inceku kaKristu, futhi mina ngizweni ngaphandle kwesangoma esiphucuzekile.” Futhi o, yena... Futhi wathi, “Wona kanye umqondo ngawe, indoda eneminyaka eyishumi nanhlanu ezinkundleni zemishini, futhi—futhi uthi ubushumayela iVangeli iminyaka engamashumi amabili nanhlanu,” futhi wathi, “bese uzwa... ukukuzwa usebenzisa ukufundwa nokubhalwa kolwimi okusebenzisayo, kanye—kanye nayo impela iMfundiso o—oyikhulumayo,” wathi, “uze washo okuningi kakhulu izolo ebusuku ukuthi uSathane ubengephulukise.” Wathi, “Ngiyakudabukela ngokuphawula okunjalo.”

Futhi ngacabanga, “Umphathi wekolishi lamaLuthela.”

³² Futhi wathi, “Kungekude nekolishi lethu khona lapha, kunowesifazane onomoya wamadlozi. Ufake iphinifa elikhulu, nabantu bayangena, futhi ubeka izandla zakhe—zakhe phezu kwabo. Bese kuthi-ke ehluthula imithambo yabo, futhi athole izinwele ezincane ngemuva kwentamo yakhe, bese ezigoqa, abeke igazi lapho, futhi ahambe ehlele emfudlaneni emva kwakhe, futhi akuphose ekhanda lakhe *kanjalo* emfudlaneni, aqale ukuphuma nezandla zakhe... ”

³³ Futhi wathi, “Abantu bemi phezulu lapho, uma ephoqelekile ukuthi abuke emuva, isifo sisegazini lomuntu ezinweleni zakhe,” futhi wathi, “khona-ke lapho, bheka emuva, isifo sizobuyela kumuntu, kodwa uma kungenjalo,” wathi, “umuntu ufanele asinde.” Futhi wathi, “Cishe amaphesenti angamashumi amabili alabo ayasinda. Bese kuthi-ke uthi udeveli akakwazi ukuphulukisa.”

³⁴ O, yena—yena wayenendlela yokusondela kukho ngengqondo ehle, kodwa, mfowethu, lokho akusikho esisondele kukho, hhayi ngokwengqondo, sisondele emBhalweni. Ngakho ngi—ngavele ngacabanga, “Awu, incwadi iletha enamakhasi angamashumi amabili nambili... ” Akazange ngisho akhulume nami njengo “Mfowethu,” wavele wathi, “Branham.” Ngakho ngacabanga, “Awu... ”

Wathi, “Futhi ukhuluma ngeminyaka yakho,” wathi, “Ngangishumayela iVangeli ngaphambi kokuba uzalwe.”

³⁵ “Awu,” ngacabanga, “umuntu oshumayeke iVangeli isikhathi eside kangako ufanele abe nezinhlonipho, akunandaba ukuthi uyini.” Niyabo? Sifanele simhloniphe. Ngakho ngahlala phansi ngakhuluma naye, ukunwaya kwami okuncane, ngakho konke engangingakwenza, amakhasi amabili ngiphendula, ukumazisa. Futhi ngi—ngathi, “Mfowethu othandekayo, ngiyayithakasela

impela iminyaka eminingi oyichithile nakho konke lokhu,” ngathi, “Ngi—ngiyakuthakasela, inceku kaKristu. Futhi ngiyakuthakasela ukugxekwa.” Manje, indoda engakwazi ukuthatha ukugxekwa, kukhona okungalungile ngesipiliyoni sayo, niyabo, ngoba uNkulunkulu uthumela ukugxeka kithi ukuze asiqondise, asenze sibone amaphuzu ethu—ethu amabi. Ngisizwe kakhulu ukugxekwa, lokho ukugxeka okunobungane, hhayi nje ukucasuka, nokuthukuthela, kodwa nje—nje ukugxekwa kobungane. Ngakho ngathi, “Ngiyakuthakasela, Mnumzane.”

³⁶ Ngase ngithi, “Kodwa into eyodwa nje engingathanda ukuyizwakalisa lapha, njengoba wena, ukhuluma ngohlelo lwami lolimi, vele anginjalo. . . Anginayo imfundo, kuyiqiniso lokho, kodwa,” ngathi, “into engimangazayo, ukuthi umphathi wekolishi lamaLuthela angasekela isayense yakhe yezenkolo phezu kwesipiliyoni, esikhundleni seZwi likaNkulunkulu, ngenkathi ukhuluma ngomthakathi owayengaphulukisa.”

³⁷ Ngathi, “UJesu wathi, ‘Uma uSathane ekwazi ukuxosha uSathane, khona-ke umbuso wakhe uhlukeno phakathi,’ akakwazi ukuphulukisa. Manje, ungakwazi. . .’ Niyabo? ‘Uma ekwazi. . . UJesu wathi akakwazi ukuphulukisa, futhi wena uthe ubengaphulukisa. Ngizomkholwa uJesu,’ niyabo, kunjalo, “ngokuba Wathi wonke amazwi omuntu mawabe yiphutha nelaKhe libe yiqiniso,” futhi ngathi, “ngiyamkholwa nguJesu. Futhi kumangaza kimi, ukuthi umphathi wekolishi lamaLuthela ubengasekela isayense yakhe yezenkolo phezu kwe. . . isipiliyoni, noma umuzwa, esikhundleni seZwi likaNkulunkulu.” Ngathi, “Umpathi, kumbe noma yimuphi omunye, noma yimuphi umfundisi ufanele asekele isayense yakhe yezenkolo phezu kweZwi leNkosi.”

³⁸ Futhi ngathi, “Ngiqinisekile. . . Futhi lokho okubiza ngokuthi yisangoma,” ngathi, “Ngicabanga ukuthi bekungukubona okufihlakeleyo.” Futhi ngathi, “Bewazi yini ukuthi abaFarisi nabaSadusi bake basho lokho kuphawula ngokwabo, ngenkathi bebona into efanayo yenziwa yiNkosi yethu, baYibiza ngoBelzabule na?” Ngathi, “Manje, mhlasimbe, kuthiwani uma ngiqinisele na? Manje, uJesu wathi, ‘Lapho uMoya oNgcwele efika ukwenza okufanayo, ukuthi ukukhuluma izwi elimelene naWo akusoze kwathethelelwa kulelizwe, noma ezweni elizayo,’ akunandaba ngeminyaka yakho engamashumi amahlanu yokushumayela, izwi elimelene noMoya oNgcwele.” Ngathi, “Ngiyakuthethelela ngalokho, futhi ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uzokuthethelela, ngokuba Ubonile ukuthi ubungakuqondi.” Futhi ngambhalela incwadi enhle kunazo zonke engangingayibhala. Kamuva ngathola i—incwadi engimema ukuba ngikhuphuke.

³⁹ Ngakho, [UMfowethu Branham uyakhwehlela—Umhl.] Ngangine. . . (Ngiyaxolisa.) Ngangine—isidlo sasekuseni

seBusinessmen enhla lapho, futhi ngangikhulumela iFull Gospel Businessmen. NoMnu. Moore, uMfowethu Jack Moore, abaningi benu bazalwane nijwayelene naye, indoda eyodwa enhle, futhi mina...yena...lo Dkt. Hegre weza ku—kuMfowethu Moore, futhi wambuza uma ngangingakwazi...uma engeza nami ekolishi.

⁴⁰ Ngacabanga, “Ngqiqinisekile ngakho manje.” Ngakho mina...UMfowethu Moore uyisazi sezenkolo, ngakho ngacabanga, “Awu, kungcono ngihambe naye.” Futhi ngakho-ke ngathi, “Hlala eduze kwami ngqo, futhi uma ekhuluma amagama athile nokubhalwa nokufundwa kolwimi engingakuqondi, ngizokukhahlela emlenzeni *kanjalo*, futhi thatha lapho kuqhubeke.”

Futhi wathi, “Kulungile.”

⁴¹ Ngakho saya ngale ekolishi. Futhi lapho sifika lapho, babenendawo cishe, ubukhulu balelihholo elikhulu lapha okwe—okwedina. Futhi i...kwakungabantu baseNorway, futhi babedeke idina labo, futhi kukuhle kakhulu, kumnandi. Nomphathi ehleli eduze kolunye uhlangothi, nasebenzisana naye olunye.

Ngakho, ngemva koba sengiqedile, wathi, “Mfowethu Branham, sifuna ukukubuzisa imibuzo ethile.”

⁴² Ngathi, “Ake ngithi ukuba nezwi kuqala.” Ngathi, “Ngingingahle ngingakwazi ukuphendula umbuzo wakho,” ngathi, “Mina...uma ngingakwazi, kungaba kuhle uma uMfowethu Moore engisiza lapha.” Ngathi, “Kodwa ngiye...Ngingingahle ngingabi muhle ekuphenduleni imibuzo yakho, kodwa ngizokwenza engingakwenza.”

⁴³ Futhi wathi, “Nakhu okuyikho,” wathi, “sizwile ngamaPentecostal, iminyaka neminyaka,” futhi wathi, “saya ukuyobabona.” Futhi wathi, “Satholani, ngaphandle kokukhahlela phezu kwezihlalo, ukushaya ukhiphe amafasitela, na—nakho konke kanjalo,” wathi, “nawo wonke umsindo esake sawuzwa empilweni yethu.” Wathi, “Yini labo bantu abanayo na?”

Ngathi, “UMoya oNgcwele.”

Wathi, “UMoya oNgcwele na?”

Ngathi, “Yebo.” Ngathi...

Wathi, “Ingabe ubulokhu uy iPentecostal na?”

⁴⁴ Ngathi, “Awu, ngake ngaba kuMissionary Baptist Church ngisengumfana nje, ngagcotshwa, kodwa,” ngathi, “ngokushesha ngemva kokuba sengigcotshiwe,” ngathi, “Ngi—ngathola uMoya oNgcwele, ngakho ngiqagele bengiyiPentecostal.”

45 Wathi, “Uqonde ukungitshela ukuthi lelo yiPentecostal, labobantu bePentecostal, lowo nguMoya oNgcwele obenza bakhahlele phezu kwezihlalo, futhi baqhubeke kanjalo na?”

46 Ngathi, “Yebo, NguMoya oNgcwele.” Ngathi, “Into yakho ingukuthi,” ngathi, “banomfutho omningi kakhulu onqwabelene, istimu, bawufutha ngekhwela esikhundleni sokuwufaka enjinini, wenze amasondo agingqike, uyabo, lokho—yilokho kuphela.” Ngathi—ngathi, “Kunjalo.” Ngathi, “Bona... istimu esiningi kangako lapho, bafanele nje basikhiphe ngekhwela, yilokho kuphela engikwaziyo, niyabo.” Futhi ngathi, “Abasakwazi ukukubamba kade.”

Futhi wathi, “Awu...”

47 Ngathi, “Uma ngingathola imfundiso eyisisekelo ekukholweni kwePentecostal, noma ukukholwa kwePentecostal emfundisweni eyisisekelo! Labobantu bayizinceku zikaNkulunkulu, kodwa ngempela abasiqondi isikhundla abasiphethe, yilokho kuphela.”

Futhi wathi, “Awu, ucabanga ukuthi thina maLuthela sinani na?”

Ngathi, “UMoya oNgcwele.”

Wabe-ke esema, futhi wathi, “Manje, angazi ukuthi yini okumele ngikubuze yona.”

48 Ngathi, “Awu, ngiyaqonda ukuthi unamahekha ayinkulungwane lapha owafaka ummbila.” Ngathi, “Uma abafundi bengakwazi ukukhokha imali yabo yokungena, khonake bangasebenza ngendlela yabo yokungena ekolishi.”

Wathi, “Kulungile.”

49 Ngakho iNkosi yanginika umcabango omncane, futhi ngathi, “Mnumzane, ngesinye isikhathi kwakukhona indoda eyahlakaza insimu enkulu yo... ukutshala ummbila, futhi yatshala ummbila wayo ensimini. Futhi okulandelayo... Ngokunye ukusa yaphuma, futhi lapho ibuka ngaphandle ensimini yayo yabona amacembe amabili amancane.” Noma ubani uyazi otshale ummbila ukuthi uvela kanjalo, esiwubiza ngo “mmbila obomvu” ezansi eNingizimu, uvele uqhamuke kanjalo, amacembe amabili amancane.

Futhi ngathi, “Indoda yema esitebhisini somnyango wayo, yayisithi, ‘Mayibongwe iNkosi ngesivuno sami sommbila!’” Ngathi, “Manje, ingabe yayinaso isivuno sommbila na?”

Wathi, “Awu, ya—yayinesiqalo.”

Futhi ngathi, “Awu, sekungashiwo ukuthi yayinesivuno sommbila.” Niyabo? “Yayinawo usesesimweni sosana.” Futhi ngathi, “Kwakuyinina maLuthela.”

50 Futhi ngathi, “Ekugcineni, lowo mmbila wakhula waze wafika endaweni yokuthi wawusunentshakaza. Futhi

niyazi ukuthi intshakaza yenzani na? Intshakaza yabheka phansi emacembeni, yayisithi, 'Angisenamsebenzi ngawe, ngiyintshakaza.' Kodwa kwadingeka ukuthi iphinde isebenzise icembe ukuze iphinde izikhiqize yona. Lase liphuma kulentshakaza labuyela phakathi e—icembe, futhi laveza i— isikhwebu."

⁵¹ Ngathi, "Manje, okokuqala kwakuyinina iLuthela, okwesibili kwakungumnyakazo weMethodisti kaNkulunkulu, futhi okwesithathu, isikhwebu, kwakuyiqembu lePentecostal elabuyisela ukubuyiselwa kweziphiwo eBandleni, koHlamvu lwasekuqaleni olwanga emhlabathini. Kungukubuyisela futhi, njengoba kwasho uJoweli." Niyabo? Ngathi, "Manje ngiyazi ukuthi sinesikhunta esiningi kulesosikhwebu, kodwa nokho sineziNhlamvu lapho futhi, niyazi." Ngathi, "Thina . . ." Ngase ngithi . . .

Futhi wathi, "Awu . . ."

⁵² Ngathi, "Lolo uHlamvu lwasekuqaleni." Ngathi, "Manje, ibandla lePentecostal liyibandla lamaLuthela eselithuthukile. Empeleni, i . . . ukuba belingekho iqabunga, bekungayikuba khona intshakaza, nokuPhila okwakuseqabungeni kwenza intshakaza, nokuPhila okwakusentshakazeni kwenza iziNhlamvu. Ngakho liyiBandla eselithuthukile likaNkulunkulu ophilayo."

⁵³ Futhi wama, wafuqela emuva ipuleti lakhe, wathi, "Mfowethu Branham, ngaya entshonalanga ngesinye isikhathi. Ukuthi yena . . . Ngabhala i . . . Ngezwa incwadi ibhalwe nge . . . ngazo zonke iziphiwo zokomoya." Futhi wathi, "Ngi—ngaya entshonalanga ukuze ngithole indoda," futhi wathi, "ngenkathi sengiyitholile, wathi, 'O, ngavele ngabhala ngazo, ngangingenazo.' Yathi, 'Ngavele ngabhala ngazo.' Awu," wathi, "Bengingakwenza lokho." Futhi wathi, "Ngazulazula futhi nqaqaphela konke lokhu, futhi ngaya emaqenjini ePentecostal nokunye nokunye," futhi wathi, "Ngi—ngibaqaphelile bememeza."

⁵⁴ Niyabo, kwenzeka nje ukuba kube lapho, udeveli wambeka lapho ngesikhathi esingafanele, niyazi, lapho abantu, bethokoza ngempela. Manje usenombono, wase ephuma. Niyabo?

⁵⁵ Futhi wathi, "Ngiyaxolisa ngencwadi engikubhalele yona." Wathi, "Ngazakhela ngendawo enjalo, ukuthi ngangimelene naWo, futhi yilapho engaWuxhomelela khona phansi, khona lapho, futhi ngathi wawungelutho ngaphandle kwesangoma." Wathi, "Ngicela ungixolele."

Ngathi, "Ngani, impela, Mnumzane. Angisoze ngabamba lutho, futhi angizange ngikwenze lokho. Uyakwazi engikutshele khona encwadini iletha."

⁵⁶ Wathi, “Bengifuna ukukuzwa ezindebeni zakho.” Wathi, “Manje, Mfowethu Branham, kimi nakubo bonke abafundi, sonke silambeke uMoya oNgcwele. Kufanele senzeni na?”

⁵⁷ Ngakho niyazi ukuthi ngamtshela ini, anazi na? Ngathi, “Phendulani imihlane yenu, imihlane yenu ngalendlela, nobuso benu bubheke odongeni, nhlangothi zonke, futhi wenze inhloso enhliziyweni yakho ukuthi awusoze washiya amadolo akho uNkulunkulu aze akunike umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.” Futhi ngathi, “Manje ungacabangi ngalokhu, noma lokho, noma okunye, vele uhlale lapho uthi, ‘Nkulunkulu, ngifuna uMoya oNgcwele.’” Ngazungeza futhi ngababeka izandla, futhi abangamashumi amane bamukela uMoya oNgcwele khona lapho. Futhi manje cishe bangamakhulu amahlanu abo abanamandla, behamba, benezibonakaliso, izimangaliso, nezimanga, nokunye nokunye. Niyabo?

⁵⁸ Bazalwane, ngikhulwa ukuthi sineNto izwe okufanele libe nayo. Kodwa sifanele sisondele kukho ngendlela . . . Kuthiwani ukube ubungumbazi na? Thatha nje indoda ekugcineni lapha, noma, uMfowethu Borders laphaya ungumbazi, ngiyakhulwa.

⁵⁹ Awu, ukuba ubeshayela ngesando *kanje*, futhi eshayelela izipikili, futhi benginesando esizishayelelayo sohlobo oluthile ukuthi ngithela ikege lezipikili kuso, futhi ngisiphakamise *kanje*, futhi ngithi *ruti*, futhi sishayele lawo mabhodi phezulu kanjalo kangcono kakhulu kunalokho abengakwenza ngesando sakhe na?

⁶⁰ Manje, uma ngikhuphukela kuye, ngithi, “Awu, mfana, awukho ngisho kukho, awazi lutho ngakho. Ngani, uhlanganisa iminwe yakho! Mina, awunawo nje umkhiqizo ozoqala ngawo,” ngiyamcasula, angisoze ngadayisa isando. Kunjalo. Niyabo? Indlela yami yokusondela ngalokho enginakho. Umkhiqizo wami, ngiyazi, ungono kunalokhu anakho, kodwa ngifanele ngikhumbule, ngifanele ngisondele kuye ngendlela efanele.

Futhi uma ngikhuphukela kuye, futhi ngithi, “Unjani, Mnumzane? Igama lami nguBranham.”

“Elami nguBorders.”

“Ngiyabona ungumbazi.”

“Yebo. Yebo, mnumzane, nginguye.”

“Ngikhulwa ngempela ukuthi ungumbazi wangempela nawe.”

“Yebo.”

“Bengibheka indlela obuphethe ngayo isando sakho.”

“O, yebo, uBetsy omdala ube nami isikhathi eside.”

Ngithi, “Ya, lokho ngokuhle, ya. Impela kuhle, futhi, futhi ungakwazi ngempela ukusiphatha.

“Ya.”

Qhubeka, ukhulume naye isikhashana. Ngithi, “Ku . . . Wake wezwa ngesando esisha esiwukuthi-nokuthi na?”

“Qha, angikholwa ukuthi ngake ngezwa.”

⁶¹ “Awu, *nasi*. Faka izipikili zakho *lapha*, futhi asivele sishayele lawo mabhodi phezulu ezansi lapho. Bheka isikhathi esisenzayo lesi, futhi yeka umkhqiqizo engiwutholile!” Ngimkhombise kanjalo. Uthi, “Sithathe, sizame izinsuku ezimbalwa futhi ubone ukuthi ucabangani ngaso, ngizobuya.” Niyabo? Uma kuwuhlobo olulungile lomkhqiqizo, uzozithengisa wona. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, akunjalo, bazalwane na? Niyabo?

⁶² Niyabo, sineNto eyiyo, sifanele sisondele kubantu ngaYo kahle. Niyabo? Yileyonto-ke, niyabo. YiNto yoqobo yangempela. Lona nguMoya oNgcwele, ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke.

⁶³ Angikholwa ukuthi abazalwane bangamambuka, ngikholwa ukuthi bangabazalwane. Angikholwa ukuthi uMoya obona okufihlakele uyinoma yisiphi isangoma, ngikholwa ukuthi NguMoya oNgcwele uZembula eBandleni laKhe, wenza nje iBandla lifike endaweni yaLo.

⁶⁴ Futhi uma nje besingaba nendlela ethize esingathatha ngayo wonke umnyakazo wePentecostal, futhi nje sibhidlize imigoqo yethu emincane, nendawo yokuhlangana, futhi sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, esibhaphathizwa kukho ngaMoya munye, o, ngicabanga ukuthi bekuyoba khona ukubonakaliswa okwakungakaze kwaziwe ngaphambili. Futhi ukube besingasondela kwiMethodisti, iBaptisti, amaPentecostal, bekungaya yonke indawo kuzo zonke izindawo, ngikholwa ukuthi bekungenziwa.

⁶⁵ Bazalwane, angifuni ukuma lapha, ngifuna ukufunda iZwi elilodwa noma amabili nje eBhayibhelini futhi ngikhulume nani umzuzwana nje. Kodwa bengifuna . . . Ngiyazi ukuthi nifanele nihambe, nami ngifanele, futhi ngi—ngithole lesosidlo sasekuseni i . . . NgoMgqibelo ekuseni, futhi—futhi khona-ke ngilindele nje ukuhlalela noMsombuluko ebusuku futhi, omunye ezansi lapha. Angazi nje okwamanje, ngifanele ngikhulume noMfowethu Borders, nokunye nokunye. Kodwa ngifuna ukunishiya nalokhu, ukuthi ngilapha ukuzonisiza. Kungukuthi nje . . . Asinakho ngaphandle kokuhlala ndawonye nje imizuzu embalwa. Ngifisa sengathi besingahlala lapha ize iqale inkonzo kulentambama, bese ekuseni sibuye futhi, futhi ngilalela lokho nina bazalwane enizofanele nikusho. Futhi yeka indlela engikuthakasela ngayo!

⁶⁶ Kepha mina, ukunazisa nje inhliziyo yami, ngiyanithakasela, futhi ngizokwenza konke engingakwenza ukuze ngenisize, njengabafowethu, ukuthi, ngenkonzo encane iNkosi enginike yona, nalokho eninike khona, ukuthi siyakuhlanganisa manje, ukubona ukuthi yini esingayenzela uMbuso waKhe.

⁶⁷ Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini laKhe.

⁶⁸ Nkulunkulu onoMusa kakhulu, eGameni likaJesu Kristu, siza kuWe ngemimoya ethobekile, edabukileyo, ephukile, Nkosi, sazi ukuthi sesilungele ukubunjwa, njengoba umprofethi wehlela endlini yombumbi ukuyobunjwa. Futhi Baba, siyafisa, kulokhu ukusa, ezinhliziyweni zethu, ukuthi Uzosephula ukuze sibunjwe sibe ngabalingiswa abahlukahlukene, abalingiswa abazomela uJesu Kristu.

⁶⁹ Thatha inhliziyoyami enobuwula, Nkosi, thatha amazwi ami angingizayo uwaphule abe yizicucu, Nkosi, phula ukhiphe intando engeyami uqobo, futhi wenze umuntu omusha kuKristu. Siphe khona, Nkosi. Leso yisifiso sezinhliziyoyami zethu, yingakho silapha.

⁷⁰ Futhi, Nkosi, sisakhuluma naWe phezu kwaleli-altare, lapho lomfowethu omncane ongumJuda, okholwa kuWe, uMfowethu Michaelson, ngi—ngiyamkhulekela, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzombusisa. Futhi sibonga ithuba lokuba lapha kulelisinagoge lamaKristu.

⁷¹ Sibusise ndawonye manje, njengoba silinde nje imizuzwana embalwa ekufundeni iZwi, Libusise emicabangweni yethu. Busisa izinkonzo zethu, Nkosi. Nkulunkulu, Wena uyayazi inhliziyoyami yethu. Futhi nje ngifuna ukwelukwa ngenhliziyoyami eyodwa, ngomphefumulo owodwa, ngenjongo eyodwa, lokho ngukuba nabafowethu lapha. Ukuthi... Lapha kulelizwe elimnyama, elikhwantabele, lalikhulunyaka lamashumi amabili, ezansi lapha ngo-1962, ngasekupheleni kwekhuluminyaka futhi, isikhathi sesiphelile.

⁷² Futhi ngapha oGwini lwaseNtshonalanga, lapho impucuko ihambe isuka empumalanga yaya entshonalanga, futhi siyaqonda ukuthi ngeke kuqhubeke manje, sibuyela empumalanga futhi lapho sisuka kulolugu, futhi njengoba impucuko isifikile, siyaqonda ukuthi ilanga liyahamba empumalanga liya entshonalanga. Futhi kwaba khona isikhathi lapho iNdodana iS-o-n yehlela phezu kwabantu baseMpumalanga, futhi Yakhombisa ukuKhanya okukhulu, nezibonakaliso zokuthi YayinguMesiya.

⁷³ Futhi Yethembisa... Umprofethi wathi kuzoba nosuku olungeke lwabizwa ngokuthi yimini noma ubusuku. Sibe nalo lolusuku olukhwantabele, olunenkungu lweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, cishe impela, lokukwazi nje ukukholwa ukuKhanya okwanele ukuba udlule, no—nokwazi ukuthi YayiyiNdodana kaNkulunkulu, futhi yasakhela ibandla, nenhlangano, futhi izama ukubamba abafowethu nodadewethu ndawonye, futhi ibabize ukuba baphile ngokufanele, kodwa, Nkosi, inkungu iyasa, kuza ukuKhanya kubantu

basentshonalanga, iNdodana iS-o-n efanayo enezibonakaliso ezifanayo, iVangeli elifanayo, ukubuyiselwa.

⁷⁴ Wena wethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi kuyovela uMlayezo oyobuyisela ukukholwa kwabantwana kubuyele koyise. O Nkulunkulu, asibuyele kuloloSuku lwasekuqaleni lwePhentekoste, asibuyele kulokho kukholwa okukhulu okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele.

⁷⁵ Kwangathi uMuthi woMlobokazi omkhulu kaNkulunkulu, odliwe waze wayofika phansi yizinkumbi, uveze kulesisiqongo sawo isithelo okungukuthi ukuKhanya kwakusihlwa kuzovuthwela ukufika kweNdodana kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Sisize njengoba sidonsa ndawonye ngalenhloso.

⁷⁶ Sizinikela kuWe, singabaKho, yenza ngathi, Nkosi, njengoba Ubona kufanele. Siyazinikela kulokhu ukusa kulelisiinagoge, ezandleni zaKho, Nkosi. Kwangathi inhloso yakho enkulu ingafezeka ezimpilweni zethu njengoba sizinikela ngokuphelele kuWe, hhayi njengoSamsoni, uSamsoni wanikela ngamandla akhe, kodwa akazange anikele ngenhliziyo yakhe. Nkulunkulu, kwangathi inhliziyi yethu, amandla ethu, konke okwethu, okwethu konke kunikelwe kuWe, kwenze kube namandla amakhulu, Nkosi, kwandise ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

KumaHubo 16, okwendlela nje yokufunda, ivesi lokugcina:

Uzongazisa indlela yokuphila: futhi kukhona ukugcwala kwenjabulo ebusweni bakho; ngakwesokunene sakho kukhona intokozo kuze kube phakade.

Futhi manje, niyazi ukuthi bengingezame ukushumayela, ngithanda nje ukukhuluma nani umzuzu, noma ngithi nje isibonelo, cishe imizuzu eyishumi nanhlanu, amashumi amabili.

⁷⁷ UDavide lapha wayekhuluma ngokuphila, “Uzongikhombisa indlela yokuphila.” Ingabe nikuqaphelile na? “Uzongikhombisa?” Noma, “Ubungangikhombisa? Ngethemba ukuthi Uyangikhombisa.” “Wena uzongikhombisa.”

⁷⁸ Ngiyakholwa ukuthi wonke umuntu uNkulunkulu ambizile uzozwa futhi uzofika. Ngikholwa ukuthi yilokho esibhekene nakho manje emhlanganweni wethu. Singahlwanyela kuphela iMbewu. Enye izowela ngasendleleni, enye iwe ngenye indlela, futhi enye iwe ngenye, kodwa enye izowela emhlabathini ovundile. Kunjalo. “Ngibonise indlela yokuPhila.”

⁷⁹ Manje, ukuphila kuyinto enkulu kunazo zonke ebesingayizusa ngempumelelo. Akukho okukhulu okudlula ukuphila. Ukuba bengingaya eNkazimulweni kulokhu ukusa, futhi sonke besingakhuphukela lapho, futhi bengingahlangana no-Abrahama:

“Iyiphi into enkulu kunazo zonke ekhona Abrahama na?”

⁸⁰ Uyothi, “Ukuphila.” Lapho...Kungakhathaleki ukuthi noma yini enye iyini, ukuphila kuyinto enkulu kunazo zonke engazuzwa ngempumelelo yinoma ubani, ukuphila. Yini onganikela ngayo ngokuphila na?

⁸¹ Nginencwadi ekhaya, futhi yayi, ngiyakholwa, yabhalwa nguMfowethu Nugent, umfundisi ovela emajele. Futhi unikeza ubufakazi kulencwadi yabantu abakhulu abafa emhlabeni, futhi, kusukela esikhathini sikaKristu kwehle. Futhi unikeza ubufakazi bobubi obukhulu, kanye nobufakazi bobukhulu bomoya ngakolunye uhlangothi lwencwadi. Futhi ngangifunda lapho, ngikhulwa ukuthi kwakunguBloody Mary waseNgilandi, lapho athi, “Uma bengingakwazi, o, benginganikela ngombuso wami eminye imizuzu emihlanu yokuphila!” Umbuso owawubulele abaningi kangako ngoba, nokunye nokunye, futhi nokho, wayeyonikela ngalowombuso eminye imizuzu emihlanu yokuphila.

⁸² Ngisabukhumbula ubufakazi bukaPaul Rader khona phandle lapha, ngenkathi efa lapho etabernakele, noma, lapho... wayenetabernakele, ngenkathi esho... Ngenkathi efa, wabiza uLuke, umfowabo, babethi ukuba oshomi ndawonye njengoBilly Paul, indodana yami, kanye nami. Futhi njengoba ngikuqonda, kusukela e—isikole sakwaMoody, ukuthi ababecula ngabane phakathi lapho, becula, noPaul waba namancoko, babecula elithi *Mangisondele KuWe Nkulunkulu Wami*, futhi wathi, “Awusho, ubani ofayo lapha, yimi noma yini na?” Futhi wathi, “Phakamisani lezo zisitho, futhi ningiculele amaculo eVangeli asheshayo.” Futhi baqala ukucula *Phansi Esiphambanweni*, into efana naleyo, osicula ngabane.

⁸³ Futhi wathi, “Uphi uLuke?” Wayesekamelweni elilandelayo, bamngenisa. Wabamba isandla sikaLuke, wathi, “Luke, cabanga ngakho, emizuzwini emihlanu kusukela manje, ngizobe ngimi eBukhloneni bukaJesu Kristu, ngimbethe ukulunga kwaKhe.” Nganyeke ngihambe kanjalo.

⁸⁴ UDwight Moody, niyazi ukuthi babuyini ubufakazi bakhe, ngenkathi esukuma, wathi, “Ukufa lokhu na?” Wathi, “Lolu usuku lwami lokugcotshwa!” Yileyondlela engithanda ukuhamba ngayo.

⁸⁵ Ngibamba isandla sikamama wami oligugu, maduze nje, ehamba, ngabamba isandla somkami ngenkathi ehamba, ngiye ngababheka lapho befika ekupheleni komgwaqo, impilo yinto enkulu kunazo zonke ekhona. Futhi labo abangenalo ithemba ngemva kokuba lokhu sekuphelile, kuyinto embi kabi.

⁸⁶ Sihamba sehle ezindleleni zokuphila. Abantu abaningi bathi, “Kuyini ukuphila na? Ngingakuthola kuphi na?” Ngani, kusizungezile nje! UNkulunkulu wenze okukhulu kakhulu... .

⁸⁷ Ngisho nanjengakuJobe, siyathola e—i...kuJobe, wabuza ngakho. Konke uku...kwehle njalo ekuphileni siyakuzwa, kubuzwa ngakho.

⁸⁸ Kungikhumbuzwa u—umfana omncane owayehlala ezansi eJeffersonville, lapho engihlala khona. Ngolunye usuku, bathi waye...waya kunina, futhi wathi, “Mama, uNkulunkulu, loNkulunkulu okhuluma ngaye, UnguMuntu omkhulu kangako, ukhona yini ongaMbona?”

Wathi, “Buza umelusi.”

⁸⁹ Ngakho, waya kumelusi wase embuza, wathi, noma, qhabo, uthisha kaSonto-sikole, futhi uthisha kaSonto sikole wathi, “Kungcono ubuze umelusi,” wayengazi.

⁹⁰ Ngakho, waya kumelusi, wathi, “Qha, qha, ndodana,” wathi, “akekho umuntu ongabona uNkulunkulu aphile,” wathi, “awumboni uNkulunkulu.” Awu, kwathi ukumdumaza umfo omncane.

⁹¹ Futhi kwakukhona umdobi omdala, futhi wayephezulu emfuleni, ngolunye usuku, nalomdobi omdala, edoba, futhi nakho kukhuphuka isiphepho. Njengoba abaningi benu, ngiyacabanga, bavela empumalanga futhi bayazi ukuthi kanjani...sigeza sisuse amaqabunga. Futhi wayehla ngomfula, futhi umfana omncane wayehlezi ngemuva esikebheni, nelanga lalishona ngasentshonalanga, futhi uthingo lwenkosazana lwawela umfula kanjalo, nomdobi omdala, egwedla, amanzi ayesethulile esiphephweni, futhi konke kwase kukusha, nephunga lokuqhakaza. Futhi lapho egwedla ngezigwedlo, phezu kwentshebe yakhe empunga izinyembezi ezinkulu ezisasiliva zaqala ukugeleza zehla esilevini sakhe, lapho ebuka.

⁹² Umfanyana waqalaza ukuze abone ukuthi wayebukani, wabuka umdobi omdala, wagijima esuka ngemuva kwesikebhe, waze wafika kwimaphakathi nesikebhe, futhi wahlala phansi ngasemadolweni omdobi omdala, futhi wathi, “Mnumzane, ngifuna ukukubuzwa okuthize, umama wami akakwazi ukungiphendula, uthisha wami kaSonto sikole, kanye nomelusi wami.” Wathi, “Ingabe...UNkulunkulu, emkhulu kangaka, ngabe ukhona yini umuntu obengaMbona na?”

⁹³ Futhi umdobi omdala wadonsela izigwedlo ethangeni lakhe, wabeka ikhanda lomfanyana phezu kwehlombe lakhe, wathi, “UNkulunkulu abusise inhliziyo yakho encane, s’thandwa. Konke engikubonile eminyakeni engamashumi amane edlule kube uNkulunkulu.” Niyabo? Waye nje...Ufanele ube noNkulunkulu phakathi *lapha* ukuMbona phandle *lapho*, niyabo. UNkulunkulu *ongaphakathi* ebuka ngeso lakho.

⁹⁴ Ngibheke ngaphesheya komgwaqo esihlahleni. Ngiyacabanga manje, lapho ngidlula ogwadule lwaseMojave, noma, ugwadule lwehlela lapha, yonke into yayibonakala ifile kakhulu, futhi lapho nje sengifika lapho eduze koMfula

iColorado, kwakukhona isihlahla esisodwa esincane esiluhlaza, sasigqame kakhulu. Ngacabanga, “Kukuphi okwaso... tholaphi ukuphila kwaso na?” Niyabo, sasinokuphila, sasiphila. UNkulunkulu use—empilweni. Ungu...Konke okuphilayo kunoNkulunkulu kukho.

⁹⁵ UJobe wathi ngolunye usuku, “Uma isihlahla sifa, siyophila futhi. Kodwa umuntu uyalala, aphume umphefumulo, yena...futhi ukuphi yena na? Amadodana akhe afika ukuzolila nokumhlonipha, kodwa yena akakuboni. O, sengathi Ungangifihla endaweni yabafileyo, ungigcine ekusithekeni, kuze kudlule ulaka lwaKho!”

⁹⁶ Futhi yena—yena wabona, waqaphela uNkulunkulu emvelweni yaKhe, ukuphila, ukuthi imbali encane iphuma kanjani, ime lapho, emva kwesikhashana inhle, futhi kukhona ezitsha embhedeni we—wezimbali, futhi ezinye ezimaphakathi nendima yempilo, nezinye ezindala, kodwa lapho kufika isithwathwa sizishaye, siyazibulala zonke. Futhi imbali encane iwisa amacembe ayo amancane, futhi kulelohlumela lembali, kukhona imbewu encane emnyama, umfo omncanyanyana, owayo. Futhi njengoba kubonakala kuyinqaba, kodwa nokho, uNkulunkulu unodwendwe lomngcwabo lwaleyombali. Benikwazi lokho na? Izimvula zasekwindla ziyafika, futhi Ukhala izinyembezi ezinkulu kakhulu phansi zamanzi, futhi Umbela leyombewu encane phansi emhlabathini. Nakhu kulandela iqhwa lasebusika, futhi liyenze iqhwa, iqhume, impova iyaphuma kuyo.

⁹⁷ Yonke into yemvelo obungayibuka isihambile. Usosayense angathatha indlanzana laleyonhlabathi, bese eyehlisela endlini yesayensi yokucwaningela, futhi akuhlole emuva naphambili, futhi angeke uyithole leyombewana yokuphila, ayikho lapho. I—ipotashi, nekhaliyam, nepetroliyam, nomswakamo, yonke into ekukho ibuyele othulini, kodwa ndawondawo kucashe phakathi lapho imbewana yokuphila, futhi impela nje njengoba ilanga liphuma futhi entwasahlobo, liyophila futhi, uNkulunkulu uhlinzeke indlela yalo.

⁹⁸ Uthatha futhi ubeke ukhonkolo phansi egcekeni lakho ngesikhathi sasebusika, ubeke amatshe. Ukuphi umbhede wakho wotshani omkhulu kunayo yonke na? Ungasemaphethelweni ngqo endlela yakho. Kungani na? Yilezo zimbewu ezambozwa, futhi lapho lelolanga liqala ukukhanya phezu kwalokho kuphila kwezitshalo, leyombewu encane yokuphila izozungeza indlela yayo kuwo wonke lowo khonkolo, phezu kwawo wonke amadwala, phansi ngaphansi kwazo zonke izinti, futhi ifike izungeze ize imise ikhanda layo elincane ngaphandle, futhi idumise uNkulunkulu wokuphila. Awukwazi nje ukufihla ukuphila. Yilokho esikuzele lapha, bazalwane, ukuletha ukuPhila.

⁹⁹ Esikhathini esingeside esidlule ngangihlezi, ngidla idina nomfundisi weMethodisti omdala, ongwele kaNkulunkulu omdala onomusa, wayenoMoya oNgwele empilweni yakhe. Futhi sasilalele, i*Hora LezoLimo* livela eLouisville, futhi iklabhu ye-4-H yayinomshini ababekwazi ukwenza uhlamvu lombhila luphelele kakhulu, ukuthi uyokwenza isinkwa sombhila esihle njengalolo olukhule ensimini, uhlobo olufanayo lwezimpephesi zombhila. Futhi empeleni, ungazika uzivule, uzifake endlini yokucwaningela yesayense, futhi i...inhliziyi yayo yayisendaweni efanele, inani elifanele lomswakamo, nepotashi, nakho konke okusembileni. Wawungeke uzehlukanise, wake wazihlanganisa ndawonye, ubungeke wahlukanisa olunye kolunye, kwakuphelele kakhulu.

¹⁰⁰ Wathi, “Okuwukuphela kwendlela ongabona ngayo ukuthi ikuphi okuyikho ngukuzimbela.” Leyo oyenziwa umshini iyabola, futhi yikho konke okwakho, kodwa leyo uNkulunkulu ayitshalile, unokuphila phakathi lapho okuyovuka futhi.

¹⁰¹ Indoda ingahle ibukeke njengomKristu, ilingise umKristu, noma ihambe njengomKristu, noma okunye nokunye, kodwa ngaphandle uma leyombewana yokuPhila ilapho, angeke iphinde ivuke.

¹⁰² UJesu wathi, “Ngiza ukuba babe nokuPhila,” i Zoe, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo kubo. Futhi kukhona...Konke okwakunesiqalo kunesiphetho. Yilezozinto ezazingenasiqalo ezingenakuphela, yinye kuphela Into engazange ibe nesiqalo, lowo kwakunguNkulunkulu. Futhi siba ngabantwana baKhe, ingxenye yaKhe, bese kuba yiZoe, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo, UkuPhila okuPhakade, kwabalelwa kithi, futhi yileyondlela kuphela esingaphila ngayo. Futhi yileyondlela kuphela abangani bethu abalahlekile phandle lapha, ngisho namalungu ebandla, abangake ngaphinde baphile futhi, kungenxa yokuthi iZoe ibalelwe kubo, futhi siba yingxenye.

¹⁰³ Nike naqaphela ngoSuku lwePhentekoste na? Ukuthi kanjani leNsika yoMlilo enkulu (Esaziyo sonke ukuthi yayiyisiThunywa sesivumelwano, okwakunguJesu Kristu, ukuthi uMose wathi ukuthukwa kukaKristu kuyingcebo enkulu kunengcebo yaseGibithe, ngokuba walishiya iGibithe, elandela lesosiThunywa esikhulu, lokhu kuKhanya.), ngosuku lwePhentekoste, ngenkathi lokhu kuKhanya okukhulu kungena lapho, uNkulunkulu wazehlukanisa Yena uqobo! Izinkotha zoMlilo zahlala phezu kwalowo nalowo, futhi bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgwele, futhi baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela, uNkulunkulu Ezehlukanisa kusuka kuMuntu oyedwa kuya kumuntu eBandleni laKhe, ehlukanisa ukuPhila kwaKhe nabantu baKhe. Lowo nguMlayezo esifanele siwufuyise kubantu, bazobhubha ngaphandle kwaWo, bafanele.

¹⁰⁴ Owami umama usanda kudlula maduzane nje. Lapho ngimi eduze kwakhe, futhi wathi, “Billy,” bonke abantwana bethu wayekhona, e, abantwana bakhe wayemi lapho, owayephila, ababili bethu wayesephumile kwabayishumi. Nentombazane...wangibuka, futhi wathi...kuqala wabuka uDelores, wathi, “Eyami yokugcina, neyami eyokuqala.” Futhi umama wayengumKristu onomusa, futhi ngamholela kuKristu futhi ngambhaphathiza eminyakeni eminingi edlule.

¹⁰⁵ Futhi wathi, “Delores, ube muhle kimi, ungisizile. Uye wa—uye wangenzela iwashingi eningi lapho sengigugile futhi ngengasakwazi ukuwasha. Wehlile ukuzohlana indlu yami, wenge lezi zinto.” Wathi, “Ngiyakuthanda, S’thandwa.”

NoDelores, umKristu osemusha, emi lapho ehisheka, ebuka phansi, wayesethi, “Mama, bekukuncane kakhulu.”

Wathi, “Billy, ubonile ukuthi angizange ngilambe.”

¹⁰⁶ Futhi ngathi, “Mama, wasuka kangaki etafuleni ukuze ngithole engizokudla, ngenkathi sasi...sasingenalutho esingaludla na?” Futhi ngathi, “Kwakuwumsebenzi nje, Mama.”

Futhi wathi, “Khona-ke uthe ukuba ngumholi wokomoya kimi, Billy. Wangibhaphathiza, ungitshele indlela yokuPhila.”

¹⁰⁷ Ngathi, “Mama, uyazi ukuthi isendlalelo sethu iKatolika,” futhi ngathi, “futhi ngi—ngi—ngaya ebandleni, kodwa bathi, ‘Leli yibandla,’ futhi laliphambene neZwi. Ngasuka ebandla ngaya ebandleni, futhi ngathola ukuthi kwakuphambene kakhulu, ngakho ngahlala neZwi, Mama.” Futhi ngathi, “Ngizamile ukukutshela okwakulungile futhi ngikuholele kuKristu.” Nongcwele othandekayo omdala wahamba ukuyohlangu naNkulunkulu, ngase-ke ngibuyisela umphefumulo wakhe kuNkulunkulu.

Wangibiza uDelores, futhi wathi, “Billy, a—angikwazi nje ukudlula kukho,” wathi, “Umama.”

Ngathi, “Delores, bheka ngaphesheya komgwaqo lapho uhlala khona. Asikho isihlahla som-oki esikhulu esimi lapho na?”

Wathi, “Yebo.” Lokhu kwakuyizinsuku ezimbalwa nje ngaphambi kokuba uMama afe. Futhi wathi, “Yebo.”

Ngathi, “Kuza ikwindla manje.” Ngathi, “Esikhathini esingangenyanga esedlule lawo maqabunga abemahle ngempela futhi eluhlaza.”

“Yebo,” wathi, “Bill.”

Ngathi, “Kwakunini...? Sibukeka kanjani manje na?”

Futhi wathi, “Awu, aphuzi, nansundu, naluhlaza, abomvu.”

Futhi ngathi, “Delores, yini ewenza abe phuzi, nsundu, luhlaza, nokubomvu na?”

Wathi, “Ayafa.”

Ngathi, “Isihlahla sasisihle kunakho konke nini na?”

Wathi, “Manje.”

¹⁰⁸ Ngathi, “IBhayibheli lathi, ‘Kuyigugu emehlweni eNkosi ukufa kwabangwele baKhe.’” Niyabo? Yilapho kufika khona isikhathi. Ngathi, “Ukuphila kubuyela emuva. Ukuphila kungumuthi, sonke silenga eMthini wokuPhila.” Kunjalo.

¹⁰⁹ UMnu. Wood, ongumdayisi wezincwadi emhlanganweni, wayenguFakazi kaJehova. Futhi waye...wayenomfana, okanye naye futhi, umlenze wakhe ufinyelele *kanje* enovendle. Futhi wayekade eseLouisville komunye wemihlangano, futhi wakuqaphela lokho kubona okufihlakeleyo, futhi wathi, “Manje, lokho kubonakala kulungile kimi.”

¹¹⁰ Futhi ngakho waya eHouston, eTexas, ngenkathi ngangilapho noMfowethu Kidson kanye nabo, lapho isithombe seNgelosi yeNkosi sathathwa khona. Futhi, awu, sithathwe izikhathi eziningana, futhi muva nje, kungukuthi, nga—ngaso sithathiwe futhi, sathathwa eJalimane, futhi izikhathi eziningi.

¹¹¹ Ngakho, no—noMfowethu Wood wayeethe umfana wakhe, futhi wayephezulu komunye wemihlangano, futhi babehlezi emuva le, o, cishe impela ibanga lendlu yasedolobheni, noma kude kakhulu. Ngobunye ubusuku, ngimi emsamo, ngingakaze ngizwe ngaye empilweni yami, ngimile nje lapho ngiqalaza, ngaqaphela umbono phambi kwami, ngase ngithi, “Kukhona indoda, ihlezi emuva le ngemuva, yona nomkayo, futhi bavela esifundeni saseKentucky, ezansi le endaweni ebizwa ngokuthi iLaGrange, eKentucky. Igama laKhe nguWood, ungumbazi, onomfana onomonakalo wovendle ofinyeze umlenze wakhe. ‘ISHO KANJE INKOSI, umfana usephulukisiwe,’” futhi nje kwaqala kwaqhubeka kanjalo. Nomkakhe wayeyiMethodisti, ngakho, noma, ngikholwa ukuthi yiChurch of God, i-Anderson Church of God.

¹¹² Ngakho, wathi, “Ukuzwile lokho, Ruby?” Futhi ngakho, wathi, “David, sukuma.” Umlenze wakhe wawuphelele nje njengomunye. Usemhlanganweni. Kwase kuthi-ke lowoFakazi kaJehova wazinikela kuKristu.

¹¹³ Kwase kuthi-ke, kusukela kulokho kwehla umfowabo ukuba...O, bona, niyazi ukuthi bona, oFakazi bakaJehova bazizwa kanjani. Behla bezokhipha umfowabo e... ekunhlanganyelweni kwabo. Wathi, “Ulalela into enjalo,” wathi, “lezizinto ezingamanga ezizungezayo kanjalo na? Uke waba...” Ubaba wakhe ungumfundi koFakazi bakaJehova. Wathi, “Wazi kangcono kunento enjalo.” Wathi, “Uma ngike ngayibona leyondoda, ngizoyitshela ezikabhoqo.” Wathi, “Ngiyazi, ukufundisa ubabayi wami anginikeze khona.”

Wathi, “Nguye lowo egunda utshani phandle lapho.”

114 Futhi ngangena ngiphethe isigqoko esidala esivala izindlebe nentambo, niyazi, ngase ngihlala phansi, ngakhuluma naye. Wathi, “Awu,” wathi, “ngizokutshela, Mnu. Branham,” wathi, “sakhuliswa singoFakazi bakaJehova.”

115 Ngathi, “Lokho kuhle kakhulu.” Ngathi, “Ngingcamela ukuba um*Russell*light kunokuba ngingabi nokuKhanya nhlobo,” futhi wavele waqhubeka kanjalo, ngingayishayi indiva noma yini a—ayeyishilo, futhi ngakhuluma naye ngokungcono ukwedlua konke kunengangingakwenza. Futhi ngathi, “Ngiyabona ukuthi uyindoda eshadile, futhi unabantwana ababili.” Futhi yena . . . Ngathi, “Kodwa wehlukene nomkakho.”

116 Futhi wabheka ngale kuBanks. Lowo nguMnu. David, uyise kaDavid Wood, lo olapha emhlanganweni. Wabuka ngale, wacabanga ukuthi mhlawumbe uMnu. Wood wayengitshela lokho, ngase ngiwubamba umcabango wakhe masinya impela, niyabo.

117 Ngakho ngathi, “Ubucabanga ukuthi uMfowethu Banks engitshela lokho, akazange, akangitshelanga lutho ngomndeni wakhe.” Kodwa ngathi, “Mhlawumbe ucabanga ukuthi uma uBanks engitshelile lokhu: Ebusuku bakuthangi ubuno—owesifazane onezinwele ezibomvana. Ubusekamelweni naye ngenkathi isithandwa sakhe sifika emnyango, sangqongqoza emnyango, futhi owesifazane waya emnyango, futhi akavumanga ukuba uze, futhi walunguza ngefasitela. Bekuyinto enhle, ngabe ukudubule wakusakaza ubuchopho.” Ngathi, “Indoda emi lapho efake isudi emnyama, uthayi ebomvu.”

118 O, wayethi ukuwela kwiphansi! “Ukuthi,” wathi, “lelo yiqiniso. Lelo yiqiniso.” Futhi lapho ngambhaphathiza ezinsukwini ezimbalwa kamuva kusukela kulokho, nakhu kuza kwehla uyise. Nakhu kuza kwehla udadewabo—wabo, wayezokwehla, aqondise abafana bobabili. Ngambhaphathiza ngalolosuku afika ngalo, ngento efanayo. Kuza kwehla uyise, futhi wayezosiqondisa sonke. Ngakho wayefuna ukusithatha . . .

119 Ngathi . . . Wayengumdobi, ngathi, “Manje, Banks, asimthathe siyodoba.” Ngakho saqala ngaphesheya komfula. Lana ubusuku bonke, niyazi ukuthi kunjani empumalanga, leyomifula yanda, nezinto. Sasiya ezansi eDamini iWolf Creek. Futhi endleleni ngale . . . Akazange asho lutho ngenkolo okwangalesosikhathi, ikhehla elingangeneki ngempela. Futhi wathi . . . Futhi ehla kaniphe ngakho konke. Ngakho sawela umfula.

120 Ngathi, “Awu . . .” Ngabona umbono uza phambi kwami lapho ngisahlezi, uBanks wayeshayela, ngawubheka umbono. Ngathi, “Manje, wonke umfudlana esiwela kuwo . . .”

Wayesanda kusho, ngalobo busuku wathi, “Uma ngingake ngibone into enjengaleyo yenzeka, ngingayikholwa.”

¹²¹ Futhi ngakho ngalokhokusa, umusa weNkosi, ngathi, “Si...Yonke imifudlana esiwela kuyo izoba nodaka. Lapho sifika eDamini iWolf Creek, imvula yaba ngaphezu kwedamu futhi lapho, noma, ngaphansi kwedamu, njalo, futhi ngeke kube nodaka, futhi sizodoba namuhla, ngeke sibambe lutho namuhla kuze kube kusihlwa. Futhi khona-ke Mnu. Wood lapha, Banks Wood, uzobamba ubhabhula owodwa omncane, ngizobamba cishe amaphawondi angamashumi amabili, futhi abanye babo bazoba nesisindo esingamaphawondi ayishumi umunye. Uzodoba ngesicupho esifanayo endaweni efanayo, ngeke ubambe lutho. Sizodoba kuze kube cishe ngehora leshumi nanye nqo ebusuku, izinhlanzi zizoyeka ukuluma. Sizongena futhi sidle—futhi sidle isidlo sethu sakusihlwa ngehora leshumi nanye ebusuku, sihlale ubusuku bonke. Futhi ngakusasa ekuseni, sizophuma, futhi ngizobamba inhlanzi enkulu enamaxolo kuyo, futhi lokho kuzoba yinto yokugcina ebanjiwe. Ngeke...sizodoba usuku lonke, futhi singabambi lutho.”

¹²² Nekhehla laqalaza, lithi ukuba ka *njalo*. Sehla, futhi yonke into yenzeka ngokuphelele ncamashi, ngendlela okwenzeka ngayo. Futhi lapho ngiphumela emapulangweni ngalokho kuhlwa, wathi, “Nanka amanzi; yini engivimbela ukuba ngibhaphathizwe na?” Futhi kukhona lonke iqembu labo. O, kuyinto ejabulisayo ukwazi ukuthi silenga esiHlahleni!

¹²³ Manje, kwakukhona...UMnu. Wood nami sasizingela izingwejeje. Njengoba nazi, nginjalo...Ngiyathanda ukuzingela. Futhi ngakho sasizingela izingwejeje ndawonye ezansi eKentucky, cishe eminyakeni emibili edlule manje. Ngingena eholidini lami ngaleyokwindla. Futhi ngiye ngazingela e-Afrika, eNdiya, nakuwo wonke umhlaba cishe impela, kodwa mina...ngiphe nje ukusa okunenkungu ngo-Agasti, noma ngesinye isikhathi phezulu e...nesibhamu esikhulu i .22. Futhi ngakho-ke, ngiyakuthanda nje ukuzingela ingwejeje.

¹²⁴ Futhi sasisezansi eKentucky ekuhlaleni amaviki amabili, futhi kwashisa ngempela. Manje, wena—wena waseCalifornia ungahle ungazi ukuthi ngikhuluma ngani, lapho amaqabunga nakho konke kushisa kakhulu, kanye ne...bese unyathela lapho, nalezo zingwejeje ezimpunga ezincane... .

¹²⁵ Futhi sidubula ihlo kuphela, emayadini angamashumi amahlanu. Uma ingamayadi angamashumi amane, sihlehla siye emayadini angamashumi amahlanu, bese sidubula ehlweni. Uma zingekho...uma sishaya ngaphansi kwehlo layo, noma ngaphezu kwehlo layo, hamba uyoshintsha isibhamu sakho esikhulu, kukhona okungalungile. Futhi ngakho sihlala nakho ngqo, yileyondlela. Ngizamile ukuziqeqeshela lokho, ukukudubula ngqo esikhonkosini.

¹²⁶ Futhi ngakho, manje-ke, phezulu kahle lapho sikhempile, futhi kwashisa kabi kabi kakhulu. Nalezozingwejeje ezincane ezimpunga, ukhuluma ngenhlanzi iHoudini ngokuba yingcweti yokuphunyuka, ingencane kwenye yazo. Vele ushaye ihlokozi elincane, futhi isihambile.

¹²⁷ Nonke niyamazi uMfowethu G. H. Brown. Vele umbuze ngakho kanye nje, sizingele ndawonye. Ngakho-ke... Futhi ngiyamgcona ngalesosibhamu ingebe esizishintshayo asithengelwa ngumkakhe, niyazi, cishe eminyakeni engamashumi amabili edlule, ngakho, ukudubula izingwejeje ngesibhamu ingebe.

¹²⁸ Ngakho-ke, sasizingela, futhi kwakukhona i...UMfowethu Wood wathi, "Uyazi, Mfowethu Branham," wathi, "ngalapha endaweni *ethile* kukhona imihosha." Angicabangi ukuthi ninayo eCalifornia. Isezansi, ezansi, ezansi le lapho imifudlana igeleza idlule khona futhi ikwenza kube manzi kakhulu. Wena, phezulu emathafeni, uthinta lelohlokozi, futhi azisekho. Awukwazi ukungena kuzo, ngoba...Zihamba amayadi angamakhulu amabili noma amathathu kude. Sezihambile ngokushesha okungako. [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.]

Ngakho-ke, sathi, "Sizoya ngalapha, futhi sibone ukuthi uzosivumela yini ukuthi sizingele," wathi, "unamahekha angaba ngamakhulu amahlanu."

Futhi ngathi, "Awu, lokho kuzoba kahle."

¹²⁹ Ngakho sehla, hhayi imigwaqo emihle njengoba ninayo lapha, kodwa ezindleleni zezingulube, nakho konke okunye, ehlokozini, ngale emihosheni, size singene lapho. Wathi, "Manje, kukhona iphutha elilodwa kuphela ngalokhu." Wathi, "Lelihlela," wathi, "lingumphikinkolo, futhi, o, linonya."

¹³⁰ Ngathi, "O, ngi—ngizovele ngikuvumele ukhulume." Niyabo? Ngakho ngahlala ethrakhini elincane, futhi sashayela sakhuphukela endlini emhlophe, ehle emhlophe, emuva le phansi ezansi kwegquma elikhulu, ne—nensimu enkulu yokhula nengadi yombila *ngapha*. Sashayela senyuka, kwakukhona amakhehla amabili ehlezi phandle lapho, engawase*Kentucky* ngempela. Futhi i*Kentucky* inendlela yayo yokuphila, niyazi.

¹³¹ UMfowethu David, emuva lapho, u—umfowethu ongumGrecki, wathi, "Mfowethu Branham, wawalalela amateyipu akho." Wathi, "Mina..." Lokhu kuthi akube kubi kabi ukusho lokhu ngemva kokudla kwasekuseni. Wathi, "Ubalule u 'nwele ebhisikidini.'" Wathi, "Ngibheke phezulu, angitholi ukuthi kuyini lokho."

¹³² Futhi ngathi, "Lokho nje yi*Kentucky*," uyabo, "unwele ebhisikidini." Ngathi, "Ungazami ukuthola lokho kusichazamazwi ngoba ngeke kube khona." Ngathi, "EKentucky..."

133 Ngakho sabuyela lapho kuleyo mihosha enezihlahla ezinamaqabunga abomvana, niyazi, nezigqoko ezinkulu ezindala zilengela phansi. Sama, noMfowethu Wood waphuma, wazungeza, kwakunamakhehla amabili ehlezi lapho, wakhuphukela kwelilodwa lawo, futhi lambiza, lathi, “Sawubona?”

134 Futhi wathi, “Sawubona, Mnumzane?” Futhi wathi, “Ngingu... Igama lami nginguWood, nginguBanks Wood.” Wathi, “Angazi noma... Kade sizingela ngalapha eDutton...” Futhi baqamba izindawo zabo ngasemifudlaneni. Wathi, “Kade sizingela ngale e-Dutton, futhi asazi noma besingakwazi yini ukuzingela endaweni yakho.”

Lathi, “Ungumuphi uWood na?”

Wathi, “Ngingumfana kaJim Wood.”

135 Lathi, “Noma yini yazo...” Leso kwakuyisigejane esisodwa soFakazi bakaJehova esasingabantu bangempela. Lathi, “Noma yini uJim Wood, noma yimuphi wabantu bakubo, wamukelekile kunoma yini enginayo kulendawo.” Lathi, “Ikhehla elinguJim, ingabe lisaphila na?”

Wathi, “Yebo. Uphandle e-Indiana manje,” futhi wathi, “Ngihlala laphaya nami,” wathi, “futhi ngiyehla ngizingela izingwejeje ekwindla ngayinye.”

Lathi, “Zisize, nginamahekha angamakhulu amahlanu, nenqwaba yemihosha nezinto. Zisize nje.”

Wathi, “Awu, ngiyabonga, kakhulu.” Wathi, “Ngize nomelusi wami.” Wathi, “Ubungeke ube nandaba naye ukuzingela, futhi?”

Lathi, “Wood, uqonde ukungitshela ukuthi usuwehle phansi kakhulu uze udingeke uthwale umshumayeli nomaphi lapho uya khona na?” Futhi wathi...

Ngakho ngacabanga ukuthi kwase kuyisikhathi, mina ngiphume emotweni. Ngakho ngiyaphuma emotweni, niyazi, futhi ngihamba ngaye ngaleya, futhi ngathi, “Sawubona?”

Lathi, “Sawubona.” Futhi lathi... Ngaphambi kokuthi bangethule, lavele langena ngqo, lathi, “Awu,” lathi, “anginamsebenzi kakhulu ngani bafo.”

Ngathi, “Awu, ngiyakwazisa ukuba qotho kwakho.”

136 Futhi—futhi lathi, “Isizathu ngukuthi, yilento eyodwa,” lwathi, “okokuqala, awubukeki njengomshumayeli.” Igazi lengwejeje namadevu, futhi ngangakaze ngigeze amaviki amabili. Ngi... Mm! Ngakho ngathi, “Awu, ngi—ngicabanga ukuthi lokho kulungile, futhi.”

Futhi lathi, “Into engimelene ngayo nani bafo, nikhonkotha esihlahleni okungekho lutho kuso.”

137 Manje, angazi noma niyazi ukuthi kuyini lokho. Leyo ngenye iKentucky, David, ungazami ukuthola lokho kusichazamazwi.

Laphoinja ezingela igqalashu inamanga, izogijimela esihlahleni, kanti igqalashu lineqhingana, izogijima, igxumele phezulu esihlahleni, bese-ke igxuma yehle, niyabo, futhi umainja ingaqeqeshiwe kahle, izogijima iye kulesisihlahla lapho ebone khona igqalashu, yahogela lapho elandelele khona ukuzungeza isihlahla, futhi ime lapho futhi ikhonkothe, futhi akukho lutho esihlahleni. Ngakho ngokuvamile bayayidubula leyonja.

¹³⁸ Ngakho—ngakho lathi, “Nina bafu, yilokho enikudingayo, umthwalo omuhle wenhlamvu yokudubula inyamazane,” lathi, “ngoba nikhonkothe phezulu esihlahleni okungukuthi akukho lutho lapho.” Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, ukushumayela. Lathi, “Ngithathwa njengomphikinkolo.”

Ngathi, “Awu, wonke umuntu inombono wakhe, kodwa kimi, lokho akuyona into yokuziqhayisa ngayo.”

¹³⁹ Futhi lathi, “Awu,” lathi, “awu,” lathi, “into yakho ingukuthi,” lwathi, “wena u—wena ukhuluma ngokuthile lapho. . . ukuthi ayikho iNto enjalo.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngathi, “Kusobala, lokho kungumbono.”

¹⁴⁰ Futhi lathi, “Awu,” lathi, “nina bafu nikhuluma ngoNkulunkulu, futhi ayikho iNto enjalo.” Futhi lathi, “Uma ebekhona Oyedwa bengingamBona.” Futhi lathi, “Ngiphile yonke leminyaka, ngineminnyaka engamashumi ayisikhombisamento ubudala,” futhi lathi, “Angikakaboni lutho lwaKhe okwamanje.” Futhi lathi, “Ayikho nje iNto enjalo, futhi nina bafu nikhonkothe esihlahleni okungesiso, futhi nithatha imali yabantu ukuze niziphilise, nezinto ezinjalo, futhi anilutho ngaphandle kwesigejane sabakhohlisi.”

¹⁴¹ Ngacabanga, “O, he!” Ngathi, “Yebo, Mnumzane, kusobala umbono lowo.” Ngacabanga, “O Nkulunkulu, uma Ungangisizi!” Ngakho ngathi, “Yebo, Mnumzane, ngokusobala kunjalo, umbono,” ngasho.

¹⁴² Futhi niyazi, uMama, umama wami omdala waseningizimu, uhlale enginikeza izeluleko ezinhle, futhi wanginikeza, isisho ngesinye isikhathi, wathi, “Nikeza inkomazi intambo eyanele, futhi izozilengisa,” niyabo. Ngakho-ke ngacabanga ukuthi lokho ngokuhle kulo, ngivele ngiliyeke nje liqhubeke futhi lihohoze isikhashana, futhi sizobona ukuthi liphezu kwasiphi isihlahla, niyabo. Ngakho-ke, ngaliyeka liqhubeke futhi likhulume, futhi ngathola okuthize, futhi okuthize kufika engqondweni yami.

¹⁴³ Futhi kwakukhona isihlahla sama-aphula lapho ayehlezi ngaphansi kwaso. Futhi ekwindla yonyaka ama-aphula, kwakucishe kube yi—cishe yiviki lokugcina lika-Agasti, a—ama-aphula ayewa, namayelo jakethe ayewadla. Niyazi ukuthi yini amayelo jakethe na? Kulungile. Awu, nivela kuyiphi ingxenye yeKentucky na? Niyabo? Ngakho-ke ngase ngithi kulo, ngathi, “Awunankinga uma ngiba nelinye lalawo-aphula na?”

Lathi, “Zisize, amayelo jakethe ayawadla.”

Ngafinyelela ngale ngalithatha, ngalihlikihla ebhulukweni elidala eligcwele igazi, niyazi, ngase ngiluma, ngathi, “He, i-aphula elihle!”

Lathi, “Ya, lihle kakhulu.”

Ngathi, “Kubukeka sengathi sithela kanzima impela.”

“Yebo, Mnumzane,” lathi, “ngithola amabhakede *amaningi kangaka* njalo ngonyaka kuso.”

“Sidala kangakanani isihlahla na?” Ukushintsha indaba kulo, niyazi.

¹⁴⁴ Futhi lathi, “O,” lathi, “uyabona lapho lowoshimula omdala umi khona ngaleya na?” Lathi, “Ngazalelwa phezulu lapho.” Lathi, “Umama noBaba babehlala lapho,” futhi lathi, “umlilo wawushisa walotha. Sakha leli khaya elisha ezansi phansi.” Futhi lathi, “Ngabe sengikhuliswa enhla lapha.” Futhi lathi, “Lapho uBaba noMama befa, ngi—ngavele ngasala nekhaya.” Futhi lathi, “Futhi ngenkathi sithuthela ezansi lapha, ngafaka lesosihlahla lapho amashumi amane, iminyaka engamashumi amane edlule, kumbe okuthize.” Futhi lathi, “Selokhu saba lapho kusukela ngalesosikhathi.”

Ngathi, “Kuhle lokho.” Ngathi, “He, kuyamangalisa lokho!”

Lathi, “Yebo, mnumzane.” Lathi, “Ekubuyeleni emuva ekubeni umshumayeli,” lathi, “ngifuna ukukubuza okuthize.”

Ngathi, “Yebo, Mnumzane. Kuyini?”

Lathi, “Nina bafo, uma beningakwazi ukuveza noma yini, ngani, bekungahluka.” Lathi, “Manje, ngezwa umshumayeli ngesinye isikhathi, noma, ngezwa ngaye.”

¹⁴⁵ Lathi, “UDade osekhulile *Thizeni* enhla lapha egqumeni,” lathi, “wayebulawa umdlavuza.” Futhi lathi, “Kwakukhona umshumayeli oza ngapha e-Acton, eKentucky,” (Kunjalo, kwakungaba amamayela angamashumi amathathu ukusuka lapho. Futhi ngi... uWood wangibuka, futhi ngi—nganikina ikhanda lami.), lathi, “ngale enkundleni yokukhempa yeMethodisti.” Lathi, “Lomshumayeli wayevela ngaphandle e-*Indiana*’r.” Futhi lathi, “Futhi wafika lapho,” futhi lathi, “bathi kwakukhona cishe amakhulu angamashumi amabili nanhlanu abantu ababebuthene lapho ngalobobusuku.” Futhi lokho kungemuva le emagqumeni, niyazi, beza begibele amahhashi nakho konke ukuze bafike lapho.

¹⁴⁶ Futhi lathi, “Wahlala khona ubusuku obuthathu.” Futhi lathi, “Ngobusuku besibili,” lathi, “udadewabo wenenekazi eselikhulile uhlala enhla endaweni ebizwa ngokuthi iCampbellsville, futhi ngenkathi lomshumayeli esashumayela, wabuka emuva ezethamelini, emuva le lapho lo wesifazane ayeekhona futhi wabiza igama lakhe, futhi wathi, ‘Kulobobusuku,

ngaphambi kokuthi uhambe ekhaya, ubheke edroweni lekhabethe esandleni sobunxele, ucoshe iduku elinomfanekiso oluhlaza okwesibhakabhaka ekhoneneni lalo, unalo encwadini yamanothi ehlala ephaketheni lakho, futhi unodade ogama lingu*S'bani-bani*, obulawa umdlavuza wesisu. Hamba uthathe leloduku, ulibeke kowesifazane, futhi uzosinda.”

¹⁴⁷ “Awu,” lathi, “ciske phakathi kwamabili ngalobobusuku, sasicabanga ukuthi babene Salvation Army enhla lapho esiqongweni segquma.” Lathi, “Angikaze ngizwe ukubhonga okungako empilweni yami, futhi babeklabalasa.” Futhi uma noma yimuphi wenu azi, lowo kwakungu Mfowethu Ben kanye nabo, enhla lapho ebeka leloduku kowesifazane. Futhi lathi, “Sasicabanga ukuthi mhlawumbe inenekazi eselikhulile lifile. Futhi ngakusasa ekuseni,” lathi, “sakhuphukela lapho ukuyobona lapho benza amalungiselelo omngewabo,” futhi lathi, “lalihlezi lapho etafuleni, lona nomyeni walo, lidla ophaya bama-apula othosiwe futhi liphuza nekhofi.”

¹⁴⁸ Niyazi ukuthi uyini uphaya wama-aphula athosiwe, ophendulwe waba ucwezu lwenyanga? Ngiqinisekile ukuthi ngisekhaya. Ngakho bona . . . Niyazi, ngi—ngiwuthanda lowo anotiligi kuwo. Niyabo? Futhi angithandi ukufafaza, ngi—ngiyabhaphathiza, niyazi, futhi ngiwuthela ngempela phezu kwawo. Ngithanda utiligi omningi kuphaya wami. Ngakho ngi—ngiyazithanda nje lezozinto.

¹⁴⁹ Futhi ngakho-ke, lalidla lophaya wama-aphula athosiwe. Futhi lathi, “Ngakuthangi lapho, lalisesimweni esinjalo, kwaze kwaba yilapho singakwazi ngisho . . .” Bebengasakwazi ukulibeka epoweni, ukuthi babedingeka basebenzise ishidi lokudonsa. Futhi lathi, “Mina nomkami sasikhuphukela lapho futhi sashintsha umbhede walo kabili ngosuku.” Futhi lathi, “Udokotela walidela cishe amaviki ayisithupha ngaphambi kwalokho, futhi wavele walinika umuthi owenele ukuthi uhlale kulo lize lihambe. Umdlavuza, balivula base bevele belimboza nje, ngakho, bathi, asisekho isidingo sokuzikhohlisa ngalo.” Futhi lathi, “Futhi uyazi, lalihlezi lapho lidla, futhi lagxuma, futhi lagijima, lasixhawula.” Futhi lathi . . .

Ngathi, “Awusho kanjalo?”

¹⁵⁰ Lathi, “Ya.” Lathi, “Manje,” futhi lathi, “uma ungakukholwa,” lathi, “khuphukela lapho ngqo futhi ubone, lizokutshela lona mathupha.” Niyabo, lalishumayela emuva kimi ngaleyonkathi. Alifakaze okwesikhashana.

Ngathi, “O, awukukholwa lokho, uyakukholwa na?”

Lathi, “Impela.” Lathi, “Uma ungakukholwa, hamba ngqo—hamba ngqo ukhuphukele lapho egqumeni futhi uthole. Ngizokukhuphulela lapho.”

Ngathi, “A-hha.” Ngathi, “Qha,” ngathi, “ngizothatha izwi lakho ngakho.” Niyabo? Ngathi, “Ngizothatha izwi lakho ngakho.” Ngathi, “Awusho, kwakungubano lowomfo na?”

¹⁵¹ “Angazi.” Lathi, “Ungowaphandle e-*Indiana*’r, futhi bathi uzokwehlela lapha futhi.” Lathi, “Ngiya kuye lapho efika.” Lathi, “Ngizohamba ngikhuphukele kuye ngithi, ‘Ngifuna ukukutshela okuthize, Mshumayeli. Ngitshele ukuthi wawukwazi kanjani lokho emhlabeni, kuyilapho wawungakaze ube kulelizwe ngaphambili.’” Ngangingakaze, niyabo. Lathi, “Kwakukanjani, wake wakwazi lokho na?”

Ngathi, “Yebo, Mnumzane. Awu, ngithemba ngempela ukuthi uhlngane naye.” Ngathi, “Ngethemba ukuthi uyakusiza.”

Futhi lathi, “Awu, ngiyahamba.” Lalimpilomba, niyazi, futhi lathimisela phansi *kanjalo*, namaqabunga andiza.

¹⁵² Futhi ngathi, “Futhi uqonde ukungitshela manje... Ukubuyela emuva kulesisihlahla,” ngathi, “kuyangi—ngimangaza lokho.” Futhi ngathi, “Uyazi, asikaze sibe ngisho nobusuku obupholile, akukho sithwathwa noma lutho,” Futhi ngathi, “lawomahlamvu awohloka kulesosihlahla emhlabathini. Futhi yingakho siza ngapha, bekungukuphuma kulawo mahlathi ayithafa, lapho amaqabunga ewohlokela phansi, omile, nokungena kulezizihosha lapha, lapho ewela khona emanzini futhi abe manzi.” Ngathi, “Futhi wena... Yini emhlabeni lawo maqabunga awohlokela yona kulesosihlahla na?”

“Awu,” lathi, “ukuphila kuwashiyile.”

Ngathi, “Ini?”

Lathi, “Ukuphila kuwashiyile.”

“Kushiye iqabunga na?”

“Ya.” Lathi, “Yilokho okulenza liwohloke.”

Ngathi, “Awu, asikaze sibe nesithwathwa noma uphawu lwanoma yisiphi isimo sezulu esibandayo.”

Lathi, “Awu, kungukuthi nje, kuyawashiya.”

Futhi ngathi, “Awu, kwenzekani ekuphileni na?”

Lathi, “Kwehlela empandeni yesihlahla.”

Ngathi, “Uqonde ukuthi, impande na?”

Lathi, “Awu, ubusika buyowenza abe yiqhwa, futhi bekungabulala leyombewana yokuphila esihlahleni.”

Futhi ngathi, “Bese-ke kushona phansi e—empandeni yesihlahla ukucasha lapho, kuze kube nini?”

Lathi, “Kuze kube isikhathi sentwasahlobo.”

“Futhi sikulethela esinye isilovela sama-aphula, nesixha samaqabunga na?”

“Yebo, Mnumzane.”

“Hhe,” ngathi, “kuyamangaza lokho.” Ngathi, “Ngi—ngingathanda ukukubuza okuthile.”

Lathi, “Yebo, Mnumzane.”

¹⁵³ Ngathi, “Yibuphi ubuHlakani obutshela lesosihlahla, lokho kuphila kulesosihlahla, ukuthi isikhathi sasebusika siyeza, futhi uma ungaphumi kulamagatsha futhi wehlele lapha, futhi umbozwe yilezimpande, ukuthi uzokufa na? Futhi lokho kuphila kuthobela lobo buHlakani, futhi kwehlele empandeni yesihlahla, futhi kuhlale phansi lapho kuze kudlule isikhathi sasebusika, bese-ke kukhuphula iqabunga futhi.” Ngathi, “Yibuphi ubuHlakani obenza lokho, Mnumzane na?”

Futhi lathi, “O, yimvelo.”

Ngathi, “Iyini imvelo na?”

¹⁵⁴ Lathi, “Awu, empeleni yenza lokho nje.” Lalibona iphuzu lami, niyabo, futhi lalizama ukucasha kulo. Futhi lathi, “Awu, wena,” lathi, “uyabona. . .”

¹⁵⁵ Ngathi, “Awu, ngizokutshela ukuthi, asithathe ibhakede lamanzi, futhi silibeke phandle lapha kulesosigxobo som-oki, futhi manje, maphakathi no-Agasti, azokwehla aye ngaphansi kwesigxobo, futhi ahlale lapho kuze kube intwasahlobo, futhi aphinde abuye futhi agcwalise ibhakede futhi. Ingabe azokwenza lokho na?”

Wathi, “Qha, qha.”

¹⁵⁶ Futhi ngathi, “Awu, ngitshele ukuthi buHlakani buni. Kufanele kube uBuhlakani manje, ngoba isihlahla asinabo uBuhlakani. Kufanele kube uBuhlakani ukwenza lokho kuphila kusuke esihlahleni phezulu lapha emagatsheni kwehlele ezimpandeni, kanye noBuhlakani bokusitshela ukuthi sekuyisikhathi sokubuya futhi.”

Lathi, “Angikaze ngikucabange lokho.”

¹⁵⁷ Futhi ngathi, “Manje, cabanga ngalokho isikhathi eside, futhi lapho uthola ukuthi buHlakani buni obatshela . . . kutshela lawomanzi esihlahla esihlahleni, lokhu kuphila, ukuthi kwehlele ezimpandeni futhi kucashe noma sizokufa, ngizobe sengikutshela-ke uBuhlakani obangitshela ukuthi lowo wesifazane wayengubani nokuthi ufanele enzenjani ukusindisa impilo yakhe.”

Lathi, “Awuyena umshumayeli!”

Ngathi, “Nginguye.”

¹⁵⁸ Lapho, “Ngikhombise. Wena uzongikhombisa indlela eya ekuPhileni,” nakuba ilula kakhulu. Futhi lapho, eguqe ngamadolo, ekhumule isigqoko sakhe, ngamholela kuKristu. “Ngikhombise indlela yaKho yokuPhila,” kumlimi ongenalwazi, okungenzeka ukuthi wayengakwazi ukubhala igama lakhe,

kodwa uNkulunkulu unendlela yokuthatha indlela yokuPhila, ukumholela kuLokho.

¹⁵⁹ Futhi, bazalwane, silenga eMthini wokuPhila, futhi ngolunye usuku leliqabunga elidala lizowohloka, kodwa kuyofika ukuvuka ngoluny'usuku, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane esikhulu silele ngaphambi kwethu, ukuvuka okukhulu. Siyobuya futhi ngolunye usuku, ngoba sinokuPhila okuPhakade, siyakuqonda ngendlela yeZwi. Ukuba besinesikhathi, niyazi, ukuthi kukanjani, besingasondela kukho ngezindlela eziningi. Bantu, kwesinye isikhathi kumele usebenzise izindlela ezahlukene ukuze ufinyelele kumuntu.

¹⁶⁰ Ngonyaka odlule ngehla, ngacabanga, “Ngizophinde ngiyozingela endaweni yekhehla.” Ngashayela ngenyukela endaweni, kwase kumile ukhula nxazonke yayo, Ngabona inenekazi eselikhulile lihlezi kuvulandi, sicwecwa ama-aphula avela esihlahleni esifanayo. Ngahamba ngakhuphuka, ngathi, “Sawubona?”

Lathi, “Sawubona, Mnumzane?”

Ngase ngithi . . . Ngabone amasayini amakhulu agxunyekiwe nxazonke ngaphambi kokuba ngingene lapho. Futhi ngathi, “Angazi ukuthi kungenzeka yini ukuthi ngikwazi ukuzingela ingwejeje.”

¹⁶¹ Lathi, “Mnumzane, ngesikhathi umyeni wami ephila, wayeyinqaba kakhulu, wagxumeka izindawo.” Futhi lathi, “Nginabanye abafana abavela . . . uhlala enhla eKentucky, enhla eLouisville, eKentucky,” lathi, “bese behlela ukuzozingela.”

Ngathi, “Ngikuyondile lokho, wangitshela lokho. Bengingambona na?”

Lathi, “Sawahamba.”

Ngathi, “Awusho kanjalo.”

“Ya.”

Ngathi, “Awu, wangitshela, ngenkathi esaphila, ukuthi ngingazingela.”

Lathi, “Ungubani wena?”

Ngathi, “NginguMfowethu Branham.”

¹⁶² Laqathaza ipani, langibamba ngesandla, lathi, “Mfowethu Branham, useNkazimulweni manje.” Lathi, “Waphila impilo yobuKristu eqinile kusukela ngehora.”

¹⁶³ Ngathi, “Futhi ucwecwa ama-aphula avela kuleso sihlahla esifanayo.” Ngathi, “Ama-aphula ayabuya futhi, awazange na?” Ngathi, “Uzoba kanjalo naye ngesinye isikhathi, ovukweni olukhulu.”

¹⁶⁴ Futhi, mfowethu, dadewethu, ngeke sikwazi ukuvumela abantu esibathandayo, nalabo uKristu abafela, basuke kulokhu kuPhila, ukufa ngaphandle kokuPhila okuPhakade. Asenze

konke esingakwenza ukubangenisa kuleyondawo lapho bengavuka khona futhi ovukweni. “Wena uzongikhombisa indlela yokuPhila.”

¹⁶⁵ Nina bazalwane niyakwazi ukukwenza emabandleni enu, ngoba ni, abangingi benu bangabefundisi abafundile nosiyazi bezenkolo. A—anginalo lelo khono. Kodwa okwami okuncane. . . Anginalo ikhono, kodwa i—isiphiwo esincane engasiphiwa, njengokuzidonsela egiyeni *elithile*, ukuthi lapho abantu, lokho abakucabangayo, abakwenzayo, futhi okufanele kwenziwe, leyo yindlela ecane yenkonzo yami. Kungenye yezindlela ezincane uNkulunkulu angivumela ukuba ngizisebenzise uku—ukuletha abantwana baKhe ngale kuloloHlangothi.

Futhi ngihlanganisa ezami neyakho, manje. Futhi asikhombise abantu indlela yokuPhila, ukuze bathole indlela yeNkosi.

¹⁶⁶ Futhi i. . . Wathi lapha, “Ngokuba kukhona injabulo eBukhloneni bukaNkulunkulu.” Kukhona injabulo, njengoba sihamba sehla kulendlela, sibheka ngapha nangapha, ukuvuka kwezihlahla, amaqabunga, yonke into, kukhuluma ngoNkulunkulu. Ngakho masibe njengezidalwa zikaNkulunkulu, sikhuluma ngoNkulunkulu kukho konke esikwenzayo noma—noma esikushoyo, makukhanye kube yinkazimulo yaKhe. UNkulunkulu anibusise. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

¹⁶⁷ Nkosi Jesu, Malusi wezimvu oMkhulu womhlambi, ngijabula kakhulu, Nkosi, ukuthi Wangikhombisa indlela yokuPhila. Futhi ngijabule kakhulu ukuhamba ngehla ngalomgwaqo omkhulu omdala, Ngibonga kakhulu ukuba nezingalo zami zijoyinene nalaba bafowethu namuhla, njengoba simi eceleni komgwaqo omkhulu, simemeza ngamaphimbo ethu, nawo wonke amathalenta Osinike wona kuleso sixuku esifayo sesintu phandle lapho Owasisela. Nkosi, sisize, ngiyacela Uzokwenza na?

¹⁶⁸ Kwangathi ngayinye yezimpilo zethu ingaba yisihlahla, noma okuthize okuyoletsa ukukholwa okunjalo kuso isoni nakongakholwayo, ukuze abantu, bangabona indlela yeNkosi futhi bangene ezinjabulweni zeNkosi. Siphe khona, Baba. Sibusise emizamweni yethu ebuthaka sindawonye.

¹⁶⁹ SiyaKubonga ngalesisikhathi esihle kakhulu senhlanganyelo, lesisidlo sasekuseni esihle kakhulu. Futhi, Baba, sizizwela ukuthi sinakho nje. . . Imiphefumulo yethu nemizimba yethu yondliwa ukulunga kukaNkulunkulu.

¹⁷⁰ Yiba nathi, manje, njengoba siqhubekela phambili ukuya emhlanganweni owengeziwe, futhi ube nathi kulobubusuku, futhi sengathi kungenziwa okuthile okuzobangela izoni zifike ngokushesha e-altare ukuze zisindiswe. Kwangathi abagulayo bangaphulukiswa, nalabo abangenawo uMoya oNgcwele,

kwangathi bangabhaphathizwa eMzimbeni kaKristu. Siphe khona, Nkosi.

¹⁷¹ Sizinikela kuWe. Sithatha imikhuleko yethu, ukukholwa kwethu, futhi sikubeka ndawonye, sikubeka phezu kwe-altare laKho, futhi sikuthumela kuWe, Nkosi. EGameni likaJesu Kristu, samukele. Amen.

¹⁷² UNkulunkulu anibusise, bazalwane bami. Futhi ngiyacabanga manje, omunye wabazalwane uzofikela ukukhulula ibandla, noma, i—inhlangothi yebandla, ngokusemthethweni, njengoba kufanele kube njalo.

¹⁷³ Futhi ngenkathi besanquma ukuthi ubani ozayo, Ngifuna ukusho, ngiyaniibonga ngokuthamela kwenu okuhle, futhi ngiyaxolisa ukuthi nginigcine lapha kwaze kwaba yizikhathi zasemini, cishe impela imizuzu emihlanu ngemva kwehora leshumi nanye ngewashi lami lapha. Futhi ngingavele ngihlale futhi ngikhulume nani ngezinto ezinkulu engizibonile zenzeka, iNkosi iza ngale emasimini ezimishini, nezinto zenkulukazi, into enkulu. Ungesabi neze. Khumbula nje, uNkulunkulu wethembisa, UNkulunkulu uzofanele asigcine isithembiso saKhe, Uzofanele nje agcine isithembiso saKhe.

UNkulunkulu anibusise manje. Mfowethu Borders.



INDLELA YOKUPHILA ZUL62-0621B
(The Path Of Life)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngoLwesine ekuseni, ngoJuni 21, 1962, okwesidlo sasekuseni seFull Gospel Business Men's Fellowship International eFirst Hebrew Christian Synagogue eLos Angeles, eCalifornia, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org